## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

**Ukumakwa Kwesifundo Sokuqondisisa:**

- Kulesi sigaba kugxilwe ekutheni umfundi uyakuqonda yini akufundile, ngakho uma sekumakwa abafundi akumele baphucwe imiklomelo ngamaphutha opelomagama kanye nolimi.
- Emibuzweni evulelekile abafundi akumele banikwe amamaki ngempendulo ethi **YEBO** noma ethi **CHA**. Abafundi bayonikwa amamaki ngokusekela kwabo.
- Emibuzweni evulelekile abafundi akumele banikwe amamaki ngempendulo ethi **IQINISO/AMANGA** noma **IQINISO/UMBONO**. Abafundi bayonikwa amamaki ngokusekela kwabo.
- Uma umbuzo udinga ukuphendulwa ngegama elilodwa, umfundi aphendule ngomusho ophelele, kumele anikwe amamaki uma nje igama ekuyilona eliyimpendulo lidwetshelwe.
- Uma umbuzo udinga ukuphendulwa ngamaphuzu amabili noma amathathu, umfundi yena anikeze angaphezulu. Kufanele kumakwe awokuqala amabili noma amathathu adingekayo.
- Uma umfundi esebenzise igama elingolunye ulimi okungelona ahlolwa kulona, kodwa ukusetshenziswa kwalelogama kungawulahli umqondo womusho umfundi akangaphucwa imiklomelo. Uma umfundi esebenzise igama lolunye ulimi kodwa lelo gama vele bekumele alisebenzise umfundi kumele angaphucwa amamaki.
- Ulimi olwehlukile lwezigodi/lwezifundazwe kumele lwamukelwe/lubhekelelwe nalo.
- Emibuzweni okukhethwa kuyona izimpendulo (multiple choice) kumele kwamukelwe iletha ehambisana nempendulo efanele kuphinde kwamukelwe nempendulo ebhalwe ngokugcwele.

**UMBUZO 1**

1.1 1.1.1 Okukodwa kwalokhu:

Ikhono lokusingatha kahle imidlalo esezingeni lomhlaba/ Ukuphatha kahle izivakashi.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (1)

1.1.2 Okubili kwalokhu:

- Indebe yomhlaba ka-2010.
- African Cup of Nations.
- Indebe yomhlaba yebhola lombhoxo.
- Comrades Marathon. (2)

1.1.3
- Ukwakha ubudlelwane obuhle phakathi kwamazwe omhlaba.
- Ukuthuthukisa ukuzwana phakathi kwezakhamizi zaseNingizimu Afrika zizodwa.

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

1.1.4 Abantu bendawo. (1)

1.1.5 Okubili kwalokhu:
- Izinkundla zemidlalo ehlukene.
- Izindawo zokulala.
- Ezokuphepha ezisezingeni eliphezulu.
- Ezokuthutha
- Izindawo zokuthenga amathikithi.
- Izindawo zokubuka imidlalo komabonakude uma izinkundla zigcwele.
- Imigwaqo esezingeni eliphezulu. (2)

1.1.6 Elizenyeza/Elingaziqhenyi. (1)

1.1.7 Umncintiswano. (1)

1.1.8
- Ukuba munye-Ukubambisana kukho konke/ukuzwana/ ukusebenzisana/ukuhlanganyela
- Ukudla umhlanganiso-Ukuphumelela/ukuwina/ukunqoba. (2)

1.1.9 Indumezulu/indumezulu yomgubho. (2)

1.1.10 Iqiniso
Uma izwe laseBrazil lehluleka ukwenza amalungiselelo ngesikhathi, imidlalo iyobuyiselwa eNingizimu Afrika./iNingizimu Afrika idume umhlaba wonke ngokwazi ukusingatha ezemidlalo.
(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

1.1.11 Kungaba ukwehluleka ukuphatha kahle izivakashi/izinga eliphezulu lobugebengu okungadala ukwesaba ezivakashini/Kungaba ukwehluleka ukwenza amalungiselelo ngesikhathi.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

1.2 1.2.1 Kwezobuchwepheshe. (1)

1.2.2 Izindawo zokudlela/ezindaweni ezinewi-fi/emtatsheni yezincwadi.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (1)

1.2.3 Abanye kungaba ukuthi bahlala ezindaweni ezingenawo ugesi, abanye abanayo imali yokuyithenga.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

1.2.4 Izimpendulo ziyokwehluka.
Ukuxhumana nabanye abantu, uyakwazi ukuthola ulwazi oludingayo.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

1.2.5 Ukusebenzisa i-inthanethi kumaselula ngoba abantu abaningi banawo futhi bawasebenzisa njalo. (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

1.2.6 Abantu abasha. Ngoba yibona abathanda ukusebenzisa kakhulu omakhalekhukhwini.
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi, inqobo nje uma abafundi besekelile.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2

**Amaphuzu angabhekwa:**

| Okucashuniwe | | Amagama angabhalwa umfundi |
|---|---|---|
| *1.Ukuhlanganisa imibala eminingi engafani futhi engameshelani ndawonye okubizwa ngokuthi iColour Blocking yinto ebonakalayo kulezi zinsuku.* | 1. | I-Colour blocking ukuxubanisa imibala eminingi engafani ndawonye entweni oyigqokile. |
| *2. Ongoti bezimfashini bathi ukumesha neColour Blocking yizinto ezimbili ezingafani okufanele abantu baziqaphele.* | 2. | Icolour blocking nokumesha izinto ezimbili ezingafani. |
| *3. 'Uma ususiqala lesi sitayela, hlanganisa imibala emithathu kuphela.'* | 3. | Kuyanconywa ukuthi umuntu angasebenzisi imibala engaphezu kwemithathu ndawonye. |
| *4.'Ungasebenzisi imibala emithathu uphinde uyimeshele ngemihlobiso ezofana nse nemibala yezimpahla ngoba kuyayona indlela oqgoke ngayo.'* | 4. | Izinto ozomesha ngazo akumele zifane nse nale mibala emithathu yezimpahla osuke uzigqokile. |
| *5. Imibala engakusiza iColour Blocking yakho ibukeke, ngedlisayo njengoroyal blue, peach, dark purple, gold, green, yellow neminye ehamba phambili futhi egqamile.* | 5. | Nakuba iColour blocking ingenzeka noma kuhlanganiswa miphi imibala, igqama kakhulu uma kuhlanganiswa umbala oroyal blue, opeach odark purple, ugold green kanye neminye ehamba phambili. |
| *6. Okunye okuhle ngalesi sitayela ukuthi sifanele nabesilisa kwazise nemibala eminingi egqamile sebeyayijwayela njengoba ingasakhethi nobulili ngokwezemfashini.* | 6. | IColour blocking yenziwa ngabesilisa nabesifazane ngokufanayo. |
| *7.Kunezinto ezincane njengamabhande ezenza ukwazi ukuyisebenzisa kahle le mibala ndawonye.* | 7. | Umuntu angasebenzisa izinto ezincane ezifana namabhande ukuxuba imibala. |
| *8. Zijwayeze ukubalekela imisiko enezimbali noma exube imibala engaphezu kwemibili ndawonye iyodwa.* | 8. | Abathandi bemfashini bayexwayiswa ukuthi bagweme imibala enezimbali eziningi noma exube imibala engaphezu kwemibili ndawonye iyodwa. |

**Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:**
**Ukwabiwa Kwamamaki:**

- Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).

**QAPHELA**: Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.

- Isamba samamaki-10

**Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kulimi Uma Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
- Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

**QAPHELA:**
**Isakhiwo**:
Noma ngabe isakhiwo sendaba sibhalwe ngendlela efanele, kumele sifundisiswe bese simakwa ngendlela efanele.
**Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqiwe, omakayo kumele afunde amagama amahlanu ngaphezu kwesibalo esinqunyiwe angabe esakunaka okunye okuza emva kwalokho.Indaba efingqwe ngamagama angaphansi kwenani elibekelwe ibe inawo wonke amaphuzu abalulekile ayiphucwa amamaki.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C

### UMBUZO 3

3.1 EGauteng. (1)

3.2 (Okubili kwalokhu)
- Siyashesha.
- Sikufikisa ngesikhathi.
- Siphephile.
- Sihlanzekile. (2)

3.3 Olukhuthazayo/oluphoqayo. (1)

3.4 Ukugqamisa lokhu okukhangiswayo/Ukuheha abagibeli/Ukuze igama lalokhu okukhangiswayo likhumbuleke kalula. (2)

3.5 Okukodwa kwalokhu:
- Ukuze abagibeli bangawanaki noma bangawaboni.
- Abanye abantu bayathanda ukudla uma begibele izithuthi zomphakathi uma bebona ukuthi akudliwa bangangabaza ukusigibela lesi sitimela.
- Ukuxwayisa abagibeli beGautrain. (2)

3.6
- Uma uke wagibela kanye awube usafuna ukubuyela emgwaqweni.
- Hlanganyela nabadla izambane likapondo.
- Imigwaqo eyabantu abangahlelekile.

[Okukodwa kwalokhu] (2)

**[10]**

### UMBUZO 4

4.1 Kulula/Akunzima. (1)

4.2 Umalume. (1)

4.3 Iveza ukuthi akezwani no-ankeli/Akanandaba nomakhelwane futhi akazisoli ngesimo akuso/uyedelela. (2)

4.4 Osisi bami bazogcwala amakamelo. (1)

4.5 Sengilandelwe omunye umshana futhi? (1)

4.6 USesteri uthi kuyokhathala ondaba. (2)

4.7 Okukodwa kwalokhu:
- Uhlala nodadewabo kanti usekhulile kumele ngabe usenendawo yakhe.
- Udinwa ukuthi uselethwe omunye umshana azomondla.
- Odadewabo bayakhulelwa kodwa abahlawulwa/abagani, abashadi.
- Uthi selokhu kwaba nguye akakaze agqoke ngisho isudi le. (2)

**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 5.1.1 (a) Umyalelo (1)

(b) Isitatimende (1)

5.1.2 Zintathu izihlanganiso ezikhona: ukuze, ukuthi, uma, ngoba.

Abafundi bazokhetha esisodwa bakhe ngaso umusho. Imisho iyokwehluka. (2)

5.1.3 Ukuzwakalisa ukungeneliseki. (1)

5.1.4 Isiteleka ngeke sisaqhubeka ngenxa yezethembiso ezenziwe.

**NOMA**

Ngeke sisaqhubeka isiteleka ngenxa yezethembiso ezenziwe.

**NOMA**

Ngenxa yezethembiso ezenziwe angeke sisaqhubeka isiteleka. (2)

5.1.5 Imisho iyokwehluka:
Ibhilidikazi
Umusho: Bathwala kanzima abasebenzi baleli bhilidikazi uma amalifiti engasebenzi. (2)

5.1.6 (a) abaphathi

(b) izindawo (2)

5.1.7 Ukuchaza/ukuphawula. (1)

5.1.8 Uthi ufuna indlu yokuhlala ngenkani. (2)

5.2 5.2.1 Kumele bashade ukuze bakwazi ukuhola ibandla. (1)

5.2.2 Imizwa yokudinwa/yokucasuka/yokuthukuthela/ukucikeka/ukunengwa. (1)

5.2.3 Owodwa walena elandelayo:
- Wake wezwaphi ukuthi ibandla lingaholwa umuntu wesifazane, ongashadile nokwenza?
- Kungcono uma kuthiwa unendoda ezomesekela.
- Sengiyosonta kwelomfundisi wesilisa. (2)

5.2.4 Okukodwa kwalokhu:
- Wake wezwaphi ukuthi ibandla lingaholwa umuntu wesifazane, ongashadile nokwenza?
- Yinto efuna abantu besilisa ngoba bona bayakwazi ukumelana nezimo ezinzima (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-45 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-55 |

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**LETHA UMDLALO ENINGIZIMU AFRIKA SIZOWUSINGATHA!**

INingizimu Afrika isizakhele udumo emazweni omhlaba ngokwenza umsebenzi omuhle noncomekayo wokusingatha (hosting) izinhlobo ezehlukene zemidlalo. Lapha sikhuluma ngemiqhudelwano (competition) ehlukene efana nebhola lombhoxo (rugby), ibhola lezinyawo, ukugijima, ikhilikithi neminye. Ukubala eminye yemidlalo emikhulu esike yasingathwa yiNingizimu Afrika; yiNdebe Yomhlaba ngonyaka ka-2010, African Cup of Nations ngonyaka ka-1996 nangonyaka ka-2013, Comrades Marathon egijinywa minyaka yonke, neNdebe Yomhlaba yebhola lombhoxo ngonyaka ka-2009.

Kule midlalo kusuke kuqhudelana amazwe ase-Afrika nawomhlaba. Le midlalo ithuthukisa ukuzwana nokusebenzisana phakathi kwamazwe omhlaba. Le midlalo ibuye ilethe ukuzwana phakathi kwezakhamizi zaseNingizimu Afrika. Yingakho noDokotela uNelson Mandela wathi, 'ezemidlalo ziyisikhali esinamandla sokwenza izinhlanga ezahlukene (different races) zizwane futhi zibumbane (united)'. Abantu baseNingizimu Afrika sebekhombise ulwazi oluphezulu lokwamukela nokuphatha izivakashi ngezandla ezifudumele.

Okwenza iNingizimu Afrika iziqhenye ngokuthola leli thuba lokusingatha le midlalo ukuthi asuke emaningi amazwe afake izicelo zokuthi nawo athole ithuba lokuphatha. Okubeka izwe lethu ethubeni elingcono ukuthi linakho konke okudingekayo ngaphambi kokunikwa leli thuba. Ukubala izinto ezenza iNingizimu Afrika iziqhenye ukuthi sinezinkundla zokudlala imidlalo eyahlukene, imigwaqo esezingeni eliphezulu, ezokuthutha, izindawo zokulala izivakashi, izindawo zokuthenga amathikithi, izindawo zokubuka imidlalo komabonakude abakhulu uma izinkundla zigcwele, ezokuphepha ezisezingeni eliphezulu, nokunye okuphathelene nokuphathwa kwale midlalo enhlobonhlobo.

Lokhu kukhombisa ubuchwepheshe obukhulu kwezokusakaza (broadcasting) nobufakazi bokuthi leli zwe lisezingeni eliphezulu ekuphatheni imidlalo esezingeni lomhlaba. Okuhle ukuthi uma izwe lethu lisheshe laphuma emiqhudelwaneni edlalwayo, akubi nemiphumela emibi. Abantu bayaqhubeka nokugcwalisa izinkundla kanye nokusekela labo abasaqhudelana kuze kube sekugcineni.

Kuyo yonke imidlalo esuke izoba khona, kuyaye kuhlelwe indumezulu yomgubho wokuvula (opening ceremomy) kanye nowokuvala njengoba kwenziwa nakwamanye amazwe. Kusetshenziswa imali eningi kuqashwa abaculi nabadansi abazothokozisa abathandi bezemidlalo. Izinga lisuke liphezulu kakhulu kule migubho ngoba kumenywa oMongameli, izikhulu eziphezulu zezemidlalo kanye nezinye izitatanyiswa (dignitaries) ezisemazingeni ahlukene. Bonke laba bantu basuke belungiselelwe izindawo ezibafanele zokulala kanye nezithuthi ezibayisa ezindaweni ezahlukene kanti

nezokuphepha zisuke ziqinisiwe. Ezinkundleni basuke behlezi endaweni yekhethelo. Abathwebuli bezithombe zikamabonakude nezamaphephandaba basuke besebenza kanzima befuna ukuqopha (record) konke okwenzekayo.

Kuyo yonke imidlalo iNingizimu Afrika eseyike yayisingatha ayikho esike yaba nezinkinga noma nje ukukhononda okuvela kula mazwe asuke evakashile. Uma kukhona imiqhudelwano ekhona kuphuma intsha nabadala. Uzwa wonke umuntu uma kudlala iqembu lesizwe lebhola lombhoxo ememeza ethi; 'AMABHOKOBHOKO!' Kanti nakanjalo futhi uma kuyibhola lezinyawo ubezwe bethi: 'AYEYE BAFANA BAFANA!' Kusuka usinga kuwo wonke umuntu wakuleli zwe. Uma sekuculwa iculo lesizwe, kuphela ukugxekana nokubukelana phansi kwezinhlanga zakuleli. Abantu bayabambana **babe munye**. Wonke umuntu usuke esefisela iqembu lesizwe ukuthi kube yilona **elidla umhlanganiso**. Ezinkundleni kusuke kuculwa u'SHOSHOLOZA'. Lapho abantu basuke befake umbala ophuzi noluhlaza ohambisana nombala wezwe laseNingizimu Afrika. Abanye basuke bephethe amaphosta abhalwe amagama akhuthaza abadlali kanye namafulegi. Kusuke kuchwaza umsindo wevuvuzela.

Ukusingatha kwezwe lethu izinhlobo zemidlalo eyehlukene kuveza namathalente amaningi abantu bebonisa izivakashi ukuthi sesithuthuke kangakanani ezweni lethu. Kuthuthukisa nomnotho, kweminye imizi kuqede indlala. Maningi amathuba emisebenzi avulekayo. Abantu baphinde bafunde nokuningi okuhle okufika nezivakashi. Kwakheka nobungane nobuhlobo obugcina buqhubekile. Kuhle ukuphatha kahle izivakashi ngoba lokhu kuthuthukisa uMnyango Wezokuvakasha.

1.1.1 Ngokwale ndaba yini eyenza iNingizimu Afrika idume umhlaba wonke? (1)

1.1.2 Bhala imiqhudelwano yemidlalo EMIBILI esike yasingathwa iNingizimu Afrika. (2)

1.1.3 Yikuphi okuhle okwenziwa yile midlalo? Bhala OKUBILI. (2)

1.1.4 Khetha impendulo efanele kubakaki.

Igama elithi **izakhamizi** lisho: (abantu abavela kwamanye amazwe, abantu bendawo, abantu abakha izindlu.) (1)

1.1.5 Yini eyenza izwe libe sethubeni elingcono uma kukhethwa amazwe azosingatha imidlalo? Bhala izinto EZIMBILI ezibalwe endabeni. (2)

1.1.6 Bhala igama eliphikisana naleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Izinto ezimbalwa leli zwe **eliziqhenya** ngazo. (1)

1.1.7 Bhala igama elimqondofana naleli elibhalwe ngokugqamile emushweni olandelayo:

Ngonyaka ka-2014 **umqhudelwano** webhola lezinyawo uzoba sezweni laseBrazil. (1)

1.1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endabeni:

(a) Ukuba munye. (2)


(b) Ukudla umhlanganiso. (2)

1.1.9 Endabeni oyifunde ngenhla caphuna ibinzana lamagama elisho umcimbi omkhulu. (2)

1.1.10 Kungabe iqiniso noma umbono ukuthi iNingizimu Afrika iyahlonishwa ekusingatheni imidlalo. Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.11 Ngokwakho ukucabanga/ngowakho umbono yini engaqeda ukuhlonishwa/ukwethenjwa kweNingizimu Afrika ekusingatheni imidlalo esezingeni lomhlaba. (2)

1.2 Bukisisa le grafu ekhombisa inani labantu abakwazi ukuxhumana nge-inthanethi bese uphendula imibuzo elandeyo:




**IGRAFU EKHOMBISA INANI LABANTU ABAKWAZI UKUXHUMANA NGE-INTHANETHI**

1.2.1 Ukukhula kwamanani abantu abakwazi ukuxhumana nge-inthanethi kusho ukuthuthuka (kwezobuchwepheshe, kwezokuthutha, kwezokusakaza). (1)

1.2.2 Kuthiwa abanye abantu bayithola kwezinye izindawo i-inthanethi. Yiziphi lezo zindawo? Bhala EYODWA. (1)

1.2.3 Ngokwale grafu abantu abangu-64,8% abayitholi i-inthanethi. Bhala isizathu ESISODWA salokhu. (2)

1.2.4 Ngokwakho ukucabanga ibaluleke ngani i-inthanethi? (2)

1.2.5 Iyiphi indlela elula ngokwale grafu yokusebenzisa i-inthanethi. Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.6 Abanye abantu bathola i-inthanethi kumaselula. Ngokwakho ukucabanga abantu abangakanani ngokweminyaka? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingenzansi esikhuluma ngenhlonipho eqala ekhaya. Bhala amaphuzu ayi-7 uveze ukubaluleka kwenhlonipho.

### IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayisi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho angeqi amagama ayi-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni.
4. Sebenzisa amagama akho emshweni.
5. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**ISITAYELA NEMFASHINI**

Ukuhlanganisa imibala eminingi engafani futhi engameshelani ndawonye kubizwa ngokuthi i-Colour Blocking. Lokhu kuyinto ebonakalayo nedumile kulezi zinsuku. Ongoti (experts) bezimfashini bathi ukumesha imibala engafani yinto abantu okufanele bayiqaphele. Bathi okwenza lesi sitayela se-Colour Blocking sihluke ukuthi asikhethi bala lesikhumba njengoba kugqokwa imibala eminingi negqamile ngesikhathi esisodwa.

Lokho akusho ukuthi abantu ababe nehaba (exaggerate) ekuxubeni imibala. Yonke into inemigomo nemibandela. 'Uma ususiqala lesi sitayela, hlanganisa imibala emithathu kuphela. Ungasebenzisi imibala emithathu uphinde uyimeshele ngemihlobiso ezofana nse (exactly) nemibala yezimpahla ngoba lokho kuyayona indlela oqgoke ngayo,' kuchaza uMamsie. Uqhube wathi 'kuyenzeka ngesinye isikhathi kubukeke sengathi umuntu umeshile uma egqokile ngoba kunemibala ehambisana kahle noma ingefani. Imibala ehehayo negqamile futhi esesitayeleni, iyona edingekayo kwi-Colour Blocking.' Okunye okuhle ngalesi sitayela ukuthi sifanele nabesilisa kwazise nemibala eminingi eqgamile sebeyayijwayela njengoba ingasakhethi nobulili ngokwezemfashini. Uma uzofaka ingubo enezimbali khetha umbala ube munye bese ufaka izicathulo, amacici noma isikhwama esinombala owodwa.

Eluleka abesilisa uMamsie uthe kunezinto ezincane njengamabhande ezenza ukwazi ukuyisebenzisa kahle le mibala ndawonye, ngakho ungalifaka ibhande elizohambisana nezicathulo bese isikibha nebhulukwe kube eminye imibala engafani. Uma uthanda amashethi nakhona kulula ngoba asekhona enziwa abe nombala owodwa okungaba omhlophe kodwa izinkinobho zakhona zigqame zibe bomvu noma kube eziphuzi bese ufaka ibhulukwe elinomunye umbala. Uma uthanda ngelinye ilanga ungasebenzisa isikhwama mhlawumbe esimesha ibhulukwe ukuxuba (to mix) imibala bese ufaka izicathulo ezinombala ogqamile.

Ekhuthaza abesifazane uthe kuhle ukusebenzisa izicathulo, imigexo noma amabhengela ukuxuba kahle imibala yakho ihambisane ngoba uzodideka uma ugxila kakhulu ezimpahleni zokugqoka ugcine usuhlanganisa nemibala ngokweqile. Zijwayeze ukubalekela izingubo ezinezimbali noma ezixube imibala engaphezu kwemibili ndawonye iyodwa. Imibala engakusiza ukuthi i-Colour Blocking yakho ibukeke, ngedlisayo njengo-royal blue, peach, dark purple, gold green, yellow neminye ehamba phambili futhi egqamile.

[Icashunwe ephephandabeni ISolezwe, uMgqibelo mhlaka ziyi-10 kuNovemba 2012]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

# IGautrain Isitimela Sezimanga!

Usukhathele ukuchitha amahora amaningi emigwaqweni yaseGauteng? Awufuni nokukhokha i-*E Toll*?

Nasi isixazululo esisheshayo!

**IGautrain! IGautrain! IGautrain!**

Lesi isitimela sezimanga!

Ngemizuzu engaphansi kweyishumi usuka eSandton ungene qathatha ePaki steshini.

**Iyashesha, ikufikisa ngesikhathi, iphephile, ihlanzekile.**

Hlanganyela nabadla izambane likapondo! Gibela iGautrain nsuku zonke uya noma ubuya emsebenzini.

Uthola nendawo eshibhile yokupaka imoto yakho uma uzogibela.

Uma uke wagibela kanye awube usafuna ukubuyela emgwaqweni.

Ungachithi isikhathi emgwaqweni egcwele

Imigwaqo eyabantu abangahlelekile.

Ungavakashela i*website* yethu ukuthola imininingwane egcwele:

www.gautrain.gov.za

Inombolo yocingo: 012 356 7869

Inombolo yefeksi: 012 356 7865



Akuphuzwa, akudliwa kulesi sitimela. Oyobanjwa edla uyokhokhiswa inhlawulo ephezulu.

3.1 Lesi sitimela esikhangiswayo sitholakala kusiphi isiFundazwe? (1)

3.2 Bhala izinto EZIMBILI ezenza lesi sitimela esikhangiswayo sihluke kwezinye. (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Hlanganyela nabadla izambane likapondo lokhu kuveza ulimi olu ...: (oluncengayo, oluphoqayo, olukhuthazayo) (1)

3.4 Kungani igama '**iGautrain**' libhalwe ngamagama amakhulu/agqamile? (2)


3.5 Kungani lo musho olandelayo ubhalwe ngamagama amancane kunamanye:

Akuphuzwa, akudliwa kulesi sitimela. (2)

3.6 Kulesi sikhangisi khipha umusho ongumbono. (2)
**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.




4.1 Bhala igama eliphikisana nalelo elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

**Kunzima** ukuba yimina. (1)

4.2 Bhala igama lesiZulu sangempela elisho u-ankeli. (1)

4.3 Inkulumo kaSesteri iveza ukuthi ungumuntu onjani? (2)

4.4 Guqula lo musho olandelayo ube senkathini ezofika:

Osisi bami bagcwala amakamelo. (1)

4.5 Bukisisa isithombe bese ukhipha umusho oveza umqondo wokwenziwa. (1)

4.6 Phinda ubhale umusho olandelayo ube inkulumo mbiko:

'Kuyokhathala ondaba.' Kusho uSesteri. (2)

4.7 U-Ankeli uthi kunzima ukuba nguyena. Sekela lo mbono. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

> Abafundi bangenele isiteleka kwesinye sezikhungo zemfundo ephakeme eThekwini. Bathi bafuna izindlu zokuhlala ngenkani.
> Bathi izindawo zokuhlala ezikhona zincane kakhulu kanti nemali yesikhwama sokuxhasa abafundi (National Student Financial Aid Scheme) incane kulo nyaka.
>
> Lesi siteleka sisamisiwe ngoba izikhulu zalesi sikhungo zethembise abafundi ukuthi zisayobheka ibhilidi elingase lithengwe ukuze abafundi bahlaliswe kulona. Abafundi bathi lesi siteleka sizoqhubeka uma abaphathi bakulesi sikhungo bengajika kokuvunyelwene ngakho.
>
> Umphathi walesi sikhungo utshele abafundi ukuthi mababuyele emagunjini abo okufundela. Lokhu kwenzeke ngesikhathi beyofuna izimpendulo zabo emuva kwencwadi yezikhalazo ebikade ihanjisiwe. Ubethembise ukuthi wonke umfundi uzoyithola indawo yokuhlala.

5.1.1 Shono ukuthi le misho elandelayo iyisitatimende, umbuzo noma umyalelo:

(a) Buyelani emagunjini enu okufunda. (1)

(b) Izindawo ezikhona zincane kakhulu kanti nemali yesikhwama sokuxhasa abafundi incane kulo nyaka. (1)

5.1.2 Caphuna isihlanganiso esitholakala esigabeni sesibili esiqeshini esingenhla bese uzakhela umusho ngaso. Ungasebenzisi imisho esesiqeshini. (2)

5.1.3 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Incwadi yezikhalazo yincwadi (yokuzwakalisa ukujabula kwakho ngento ethile, yokuzwakalisa ukungeneliseki ngento ethile, elethwa umuntu kubaphathi ebe ekhala izinyembezi). (1)

5.1.4 Hlela kabusha amagama alandelayo wakhe umusho ozonikeza umqondo.

(sisaqhubeka, ezenziwe, isiteleka, ngeke, yezethembiso, ngenxa) (2)

5.1.5 Khulisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese ubhala umusho ozozakhela wona:

Mabayobheka **ibhilidi** elingase lithengwe. (2)

5.1.6 Gcwalisa lo musho olandelayo ngezakhi ezifanele ukuze uzwakale kahle:

Abafundi bathi (a) ... phathi baseNyuvesi bazobabhekela (b) ... ndawo zokuhlala ezanele. (2)


5.1.7 Bhala umsebenzi owenziwe yigama elibhalwe ngokugqamile kulo musho ongezansi:

Abafundi **abaningi** bangenele isiteleka. (1)

5.1.8 Phinda ubhale lo musho olandelayo ukhombe ubunye:

Bathi bafuna izindlu zokuhlala ngenkani. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo:




5.2.1 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Ngokwalesi siqephu esingenhla abantu besifazane (bahola ibandla kangcono uma bengashadile, kumele bashade ukuze bakwazi ukuhola, abakwazi ukushumayela). (1)

5.2.2 Yimiphi imizwa equkethwe yigama u 'nx!' kulesi siqeshana esingenhla? (1)

5.2.3 Kulesi siqephu esingenhla caphuna umusho okhombisa ukuchema. (2)

5.2.4 Caphuna umusho okhombisa inkolelo engaguquki kulesi siqephu esingenhla. (2)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2013**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 70**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-17.**

**Umhlahlandlela Wokumaka:**

1. Umfundi akavunyelwe ukuphendula imibuzo engaphezu kowodwa ohlotsheni olufanayo lwemibhalo (same genre).

2. Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili kube kudingeka eyodwa, eyokuqala kungeyona kodwa eyesibili kuyiyona. Akumakwe impendulo yokuqala eyesibili **AKUMELE IMAKWE**.

3. Uma izimpendulo zinganikeziwe izinamba ezihambisana nemibuzo, uthisha umaka njengoba kubhalwe kumemorandamu.

4. Uma upelomagama luphazamisa umqondo wempendulo, kumele leyo mpendulo inganikwa amamaki. Uma upelomagama lungaphazamisi umqondo wempendulo leyo mpendulo kumele inikezwe amamaki.

5. Umfundi akumele aphucwe amamaki uma engasebenzisanga abacaphuni lapho okumele acaphune khona.

6. Emibuzweni evulelekile abafundi akumele banikwe amamaki uma bephendule ngo**YEBO** noma **CHA** noma **IQINISO/UMBONO** uma bengasekelanga.

Awekho amamaki ayonikezwa ngezimpendulo ezithi **IQINISO/AMANGA** (True/False) nezithi **IQINISO/UMBONO** (Fact and Opinion). Amamaki ayonikezwa uma umfundi esekelile.

## ISIQEPHU A: INOVELI

***KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

### UMBUZO 1

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Ziningi izinkinga uManyoba ahlangabezane nazo empilweni yakhe. Zonke lezi zinkinga zibambe iqhaza elikhulu ekuthuthukiseni indaba ize ifike kuvuthondaba.
- Inkinga yokuqala uManyoba aye nayo eyokuthi wayesebenza epulazini lomLungu ehola imali encane.
- Wakubona kufanele ukuthi azame isu lokweqa ukuze athuthukise impilo yakhe, lokhu kwaba isinqumo esihle ngoba kwayithuthukisa impilo yakhe kwaze kwathuthukisa ngisho neyezingane zakhe.
- Weqa waphikelela eGoli lapho afuna khona amatoho, wasebenza.
- Esethole umsebenzi wake wabhekana nezingqinamba ezifana nokuthi kwake kwafanela ukuthi ashiye umsebenzi ngoba ebone amanye amadoda ebulala umuntu emphonsa emgodini, waphinde wahlaselwa ukugula wahlala ekhaya izinyanga eziyisithupha kodwa ukuthola umsebenzi kwamsiza ukuthi athole imali yokulobola.
- Wayengaganiwe kodwa kwamsiza ukusebenza waganwa, wagcagcelwa wathola nabantwana nakuba abanye wayevele eshade sebekhona.
- Enye inkinga ayebhekene nayo kwakungeyokuthi wayengafundile kanti impilo idinga ukuthi umuntu afunde. Wabhalisa esikoleni sasebusuku wazithuthukisa. Lokhu kwamsiza ngoba wathola nesikhundla esithe thuthu emsebenzini. Waqhubeka nokuzithuthukisa ngasese waze wafika ebangeni leshumi nambili (Grade 12).
- Wafundisa nabantwana bakhe baze baba neziqu bonke, ngaphandle kwentombazane uMirriam ongazange afunde kakhulu.
- Wazilobolela izingane zakhe zonke.
- Konke lokhu ukwenza ngethemba lokuthi uma esephela amandla abafana bakhe bayomnakekela. Wathi lapho esephela amandla abafana bakhe bagcina behluleka ukumsiza.
- Bakhombisa isihluku esikhulu kuyise owayekhombise uthando olukhulu kubona. Kwasiza ukuthi awine ilotho uManyoba wakwazi ukuzondla yena nowakwakhe.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) **[35]**

**NOMA**

### UMBUZO 2

2.1 Asehostela. (1)

2.2 Okubili kwalawa maphuzu alandelayo:

- Afuna ukukwazi ukuzifundela izincwadi ezivela ezintombini zawo.
- Afuna ukukwazi ukuzibhalela izincwadi eziya emakhaya.
- Bafuna ukukwazi ukukhuluma isiNgisi.
- Bafuna ukuzithuthukisa. (2)

2.3 Ingoba indlela yayithanda ukuba yihlane uma besuka ehostela/wayesaba izigebengu. (2)

2.4 Amasonto amahlanu. (1)

2.5 Wayethenjiswe ukukhushulelwa esikhundleni emsebenzini uma esekwazi ukubhala nokufunda. (2)

2.6 Kukhokhwa ekupheleni kwenyanga. (1)

2.7 Wayengeke akwazi ukuhamba yedwa ngoba indlela yayidlula ngasehlane./ Ukuvuma kwalezi ezinye izinsizwa kwenza ukuthi abe nesiqiniseko sokuthi uzokwazi ukuhamba. (2)

2.8 Ukhona owayeseqalile owayekhombisa inqubekela phambili ngoba wayesekwazi ukubhala igama lakhe. (2)

2.9 2.9.1 EGoli. (1)

2.9.2 UFanyana. (1)

2.9.3 Ehostela eMamelodi. (1)

2.9.4 Edeli. (1)

2.9.5 UNtombi. (1)

2.10 2.10.1 Ukuvuma kodwa usafuna ukuzwisisa kahle okushiwoyo/ ukungavumisisi kahle/ngokuphelele. (2)

2.10.2 Ukukhuluma isiNgisi kakhulu njengomLungu/ukukwazi ukukhuluma isiNgisi. (2)

2.11 Ingoba wakwazi ukufundisa izingane zabafana zize zifike emabangeni aphezulu/Wazilobolela izingane zakhe. (2)

2.12
- Ukube uManyoba wayifundisa indodakazi yakhe ngabe yakwazi ukumnakekela lapho esephelelwe ngamandla. (1)
- Abafana okuyibona abeka wonke amathemba akhe kubo bamenzela phansi balalela kakhulu amakhosikazi abo bangaba nandaba naye.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (1)

2.13 Izimpendulo ziyokwehluka
Okukodwa kwalokhu:
- Ungazenzeli yonke into izingane zakho ngoba uthi ukhombisa ukuzithanda ngoba ziyokujikela ekugcineni sezingenandaba nawe. UManyoba wazikhombisa uthando olweqile izingane zakhe zona zehluleka ukulubuyisa lapho sekufike isikhathi.
- Umntwana wentombazane naye unelungelo elifanayo nelomntwana womfana. Lokho okwenzela umntwana womfana njengomzali kumele wenzele nomntwana wentombazane ngokunjalo. UManyoba wafundisa abafana wayishiya intombazane. Ukuba wayifundisa mhlawumbe ngabe yakwazi ukumondla lapho esephelelwe ngamandla.

- Uma unephupho kumele ungahlali ulinde ukuthi lize lifezeke, kumele nawe wenze imizamo yokuthi liphumelele njengoba kwenza uManyoba. Wayefisa ukushada abe nezingane. Wayazi ukuthi amathuba okuthi lelo phupho lifezeke uma ehleli epulazini ayemancane. Yingakho akha icebo lokweqa ayosebenza kanzima ukuze iphupho lakhe lifezeke. Nangempela lagcina lifezekile.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

2.14 Okune kwalokhu:

- Walobola.
- Washada.
- Wafundisa izingane zakhe.
- Wazifundisa yena ngasese.
- Wathatha izincwadi zokushayela.
- Walobolela izingane zakhe.
- Wakha nomuzi omusha. (4)

2.15 Iqiniso. (1)
Ukube akazange eqe ngabe akakwazanga ukufeza wonke amaphupho ayenawo ngempilo yakhe. (2)
**[35]**

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

- UBhekani waphupha ubaba wakhe ethi akaganwe. Lokhu kwamdalela izinkinga ngoba wayengenaye umuntu athandana naye.
- Usehlangana noTholakele, omdala kunaye futhi ozilile. Yena usezitshela ukuthi kusho ukuthi uyena lo ubaba wakhe afisa ukuthi ashade naye.
- Uyamshela khona esazilile umethembisa nomshado.
- Lokhu kumdalela izinkinga eziningi uBhekani ezagcina zimqhatha nomama wakhe nomalume.
- UTholakele akavumi ukutshela uBhekani iqiniso ngemvelaphi yakhe.
- Unomngani womLungu uBhekani angamthandi kodwa angakwazi ukumhlukanisa naye.
- Umphakathi wonke uyamsola ngesenzo sakhe.
- Ubaba wakhe uyamxwayisa nangamaphupho ukuthi akamfuni uTholakele.
- ULindiwe uyakhulelwa ingane kaBhekani.
- UTholakele utsheleka imali kaBhekani unika uZenze.
- UTholakele utshela uBhekani ukuthi akalobole kuZenze. Bayayidla bobabili leyo mali.
- UBhekani usala enkemile e-althari uTholakele eseboshwa ngenxa yemikhuba yakhe emibi.
- UBhekani utheleka ngehlazo esesala emile.
- Umngane wakhe uSfiso wayengamtsheli wonke amaqiniso ngakwaziyo.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngabafundi) **[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 4: *UMSHADO* – N Zulu**

4.1 Basesontweni. (1)

4.2 Kwakungubaba kaTholakele. (1)

4.3 NguZenze. (1)

4.4 Emjondolo kaTholakele/ENyawushane. (1)

4.5 4.5.1 Ukuzihudula-Ukwenza into ongafisi ukuyenza kodwa ube uphoqwa isimo ukuthi uyenze/ukwenza into ongayithandi. (2)

4.5.2 Ukuchwaza-Ukubanga umsindo omkhulu wokujabula. (2)

4.5.3 Ukweswela umgodi wokucasha-Ukuba namahloni ufise ukucasha kubantu abakubonayo. (2)

4.6 Wayesaba ukuthi uLindiwe angawumisa umshado/Ingoba umfundisi wamemezela ukuthi ofuna ukuwumisa umshado angawumisa/Wayesaba ukuthi uBhatomu angaphazamisa umshado/ Wayethuswa ukuthi ilobolo alifikanga kubazali bakaTholi. (2)

4.7
- Babethandana yize babengubulili obufanayo. (1)
- Babethengisa futhi besebenzisa izidakamizwa ndawonye. (1)
- Babesebenzisa nemali yomgunyathi. (1)

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

4.8 Wayenemibuzo ayenayo ngoTholakele uBhekani ayehluleka ukuyiphendula. (2)

4.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Iphupho lokuqala lalithi uBhekani akaganwe.
- Iphupho lesibili uBhekani waphupha ubaba wakhe exosha intokazi yezingubo ezimnyama.
- Iphupho lesithathu ubaba kaBhekani wayedonsa uLindiwe ngengalo eza naye kuBhekani. (2)

4.10
- Omunye wabakhongi wayetholwe nguyena uTholakele. Lokhu akujwayelekile, abakhongi batholwa ngumkhwenyana. (2)
- Walotsholwa emjondolo wakhe wangaya kubazali bakhe. (2)

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

4.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayengamtsheli iqiniso lonke ngempilo yakhe.
- Wathatha ilobolo walinika uZenze.
- Wayethandana noPamella ebe ethandana noBhekani.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

4.12
- Iqiniso. (1)
- Wayethembise ukuthi uzokwenza isiqiniseko sokuthi uBhekani akashadi noTholakele kodwa bashada nokungaphumeleli komshado wabo kwakungahlangene noBhatomu. (2)

4.13
- Babelibele ukuqgoka njengoba bafika beqgoke beconsa.
- Babefunwa amaphoyisa.
- Babelibele izidakamizwa

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

4.14
4.14.1 C Wayefundisa noBhekani esikoleni esisodwa. (1)

4.14.2 D Wayengumngani kaTholakele. (1)

4.14.3 E Kwakuyintombi eyayinengane noBhekani. (1)

4.14.4 B Wahlangana noTholakele baqola uBhekani imali yakhe. (1)

4.14.5 A Umfowabo kamyeni kaTholakele. (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 5: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Isisusa sodweshu ukushona komyeni kaThenjiwe uSkhumbuzo bebe besanda kushada.
- Ngemuva kokushona komyeni uThenjiwe akasasiboni isidingo sokuhlala kwaManzini usefuna ukubuyela ekhaya.
- AbakwaManzini, uMaMbatha ikakhulukazi akafuni uThenjiwe abuyele ekhaya.
- Ukuqinisekisa ukuthi isifiso sakhe siyaphumelela, uMaMbatha utshela umyeni wakhe ukuthi uma eke wavumela uThenjiwe wabuyela ekhaya uyoziqhatha namadlozi. Uphinda ukhuthaza uDumisani indodana yakhe encane ukuthi ingene uThenjiwe.
- Ulwisana nabomndeni kaThenjiwe ukuthi uma bemthatha ababuyise ilobolo, leli abangenalo.
- Ubophisa umngani kaThenjiwe uSipho uthi ulimaze indodana yakhe uDumisani.
- Usabisa ngokuthi uzobophisa uThenjiwe ngoba wayesezama nokubulala uDumisani ngokumfakela ushevu etiyeni kodwa wabanjwa.
- Ekugcineni uThenjiwe uyavuma ukushada noDumisani.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) **[35]**

**NOMA**

### UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

6.1 Isiko lokungenwa. (2)

6.2 Wayeye emzini kadadewabo/wayeye kwaNondumiso. (1)

6.3 Uqonde ukuthi wayekhuluma uma bethi bayaphendula engabaniki bona ithuba lokukhuluma nelokubalalela. (2)

6.4
- Wayenqaba ukungenwa ngesikhathi abakwaZungu bemphoqa ukuthi agane uDumisani.
- Wanqaba nangesikhathi abazali bakhe bemphoqa ukuthi abuyele emzini. (2)

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

6.5 Iphuzu elilodwa kwalandelayo:
- Ngokukadadewabo kaThenjiwe, uThenjiwe wayenelungelo lokuzikhethela ukuthi wayefuna ukuyiphila kanjani impilo yakhe ngemuva kokushona komyeni wakhe.
- Wayephinde asho nokuthi kumele ababophe abakwaZungu uma bemphoqa ukuthi angenwe nguDumisani yize engamthandi. (2)

6.6 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ukuthi kufanele kulandelwe/kugcinwe isiko.
- Ukugula kukagogo kaThenjiwe.
- Ukulimala kukaDumisani elinyazwa uSipho
- Ukuthi uThenjiwe wafakela uDumisani ushevu etiyeni.
- Ukuboshwa kukaSipho.
- Incwadi eyabhalwa uSipho. (3)

6.7 Esokuthi uzomgada umfana wakhe (uDumisani) ukuthi angadlali ngengane yabo uThenjiwe. (2)

6.8 6.8.1 UThabi. (1)

6.8.2 USkhumbuzo. (1)

6.8.3 UThenjiwe wavuma ukungenwa uDumisani. (1)

6.8.4 Nondumiso. (1)

6.8.5 Wayemsola. (1)

6.9 6.9.1 Ukukhokha ngephutha olenzile. (2)

6.9.2 Ukubhoka ngolaka. (2)

6.10 Izimpendulo ziyokwehluka:

**Angivumelani:**

- UThenjiwe wayengumakoti ohloniphayo, nobabezala wakhe wayehlale emncoma nangokuthi uyamphekela amphakele.
- Wacela ukubuyela kubo ngemuva kokushona komyeni wakhe. Akavelanga wapakisha imithwalo wahamba. Ukunqaba kwabakwaZungu ukuthi ahambe yikhona osekumenza abukeke sengathi uluhlaza.
- Wayemlalela umamezala wakhe uMaMbatha uma ekhuluma, ngisho ekhuluma amazwi anokwedelela akakaze amphendule.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

**NOMA**

**Ngiyavumelana:**

- Ukuvele ahambe aye kwadadewabo engashongo ukuthi uyaphi akukhombisi inhlonipho.
- Nangesikhathi eseya kobika kubazali bakhe ukuthi akasafuni ukuhlala kwaZungu akazange asho ukuthi uyaphi.
- Ukuba nenkani angafuni ukugcina isiko kungabukeka njengokwedelela kanti nokuzama ukubulala uDumisani ngoba ephikisana nokufunwa ngabantu abadala kungachazwa njengokwedelela.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

6.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ukuthi uThenjiwe avume ukungenwa uDumisani.
- Ukuthi avume ukugana/shada noDumisani.
- Ukuthi alandele isiko. (2)

6.12
- Ngokwesiko njengoba uThenjiwe ashonelwa umyeni wakhe kufanele angenwe umfowabo kamyeni.
- Umakoti akabi nalo ilungelo lokuzikhethela lokho akufunayo ngokwesiko.
- Umakoti akavunyelwe ukumane abuyele ekhaya/ahambe engashongo emzini.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

6.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Abazali babengabheki iminyaka kodwa babebeka isiko phambili nakuba babazi ukuthi uDumisani mncane kunoThenjiwe.
- UThenjiwe wayemdala kunoDumisani kodwa bagcina beshadile futhi bejabula. (2)

6.14 UNondumiso wayekholelwa ekutheni uThenjiwe kufanele asebenzise ilungelo lakhe lokuzikhethela ngempilo yakhe, kanti uMaMbatha wayekholelwa ekutheni isiko ilona elisemqoka kunamalungelo njengoba ayephoqa lona nje.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

6.15 Iqiniso:

UMondise waphoqa uThenjiwe ukuba abuyele emzini futhi agane uDumisani
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 7: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:
- Ukukhethwa kukaDuma ukuthi abe yikhansela yikhona okususa izinkinga kulo mdlalo.
- Uma esekhethiwe akayihloniphi inkosi.
- Kudaleka uqhekeko endaweni, kukhona abahamba nenkosi kube khona nabahamba nekhansela uDuma.
- Amakhosikazi azama ukungenelela ukuxazulula isimo kodwa akulungi. UMaNgema noMaShezi benza imizamo yokuthi inkinga ixazululeke isimo singakashubi kakhulu.
- Kufa induna, kufa nonobhala kaDuma.
- Ngenxa yenkani uDuma ushiywa ngunkosikazi.
- Inkosi iphathwa yisifo senhliziyo ngenxa yezinkinga ezikhungethe isizwe sayo.
- Ekugcineni uDuma uyazehlisa enkosini uyaxolisa.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) **[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 8**

8.1 8.1.1 Uyikhansela (1)

8.1.2 Uyinduna (1)

8.1.3 Ungunobhala (1)

8.2 UDuma wayengafuni ukuhlonipha inkosi ebiza imihlangano engayazisanga inkosi. (2)

8.3 Ukubaphundla/ukubaphuca/ukubathathela wonke amandla obukhosi. (1)

8.4 Ukusoconga (1)

8.5 Icala lokushaya alimaze uMbandlwa. (2)

8.6 8.6.1 Ukuxolelana. (2)

8.6.2 Ukwenza into ezodala ukuthi ningezwani/ukuxabanisa. (2)

8.6.3 Ukuxosha umuntu endaweni angabe esavunyelwa ukuzohlala kuyona ngoba enze into ethile engafanele. (2)

8.7
- Kwathi kufike isigijimi sizobiza uDuma uMbandlwa wangenelela wathi uDuma angavumi, uMaShezi wamxosha uMbandlwa kwakhe wathi akasamdingi. Kwakungukwedelela lokho ngoba uMbandlwa wayengumngani womyeni wakhe.
- Wahamba waya kokhuluma nonkosikazi wenkosi ngendaba yomyeni wakhe ebe engazange wabonisana naye ngalokho.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

8.8
- Nguyena owathi uDuma akabize omunye umhlangano waze wamsiza ukuwulungiselela ngemuva kokuthi kade eseshaywe walinyazwa nguDlamini.
- Nguyena owathi uDuma akangayi enkosini ngesikhathi kufika isigijimi sizombiza.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

8.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UDlamini namabutho bahloma bahlasela abantu ababeye emhlanganweni wentuthuko owawubizwe nguDuma.
- UMbandlwa washaywa walinyazwa waze wabuya esibhedlela.
- Kunabantu abadlula basabisa uMaShezi baqhumisa nezibhamu.
- Umuzi kaMbandlwa washiswa naye wabulawa.
- Umuzi kaDlamini washiswa naye wabulawa.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

8.10
- Kulo mdlalo ingwijikhwebu itholakala lapho uDuma esezisola ukuthi akazange ayihloniphe inkosi.
- Usecela umfundisi ukuthi amphelezele ayocela uxolo enkosini.
- Inkosi iyamxolela. (3)

8.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Yingoba yena wakhethwa ngabantu inkosi ayikhethwanga ngabantu.
- Uthi yena walwa emzabalazweni lokho kumenza azibone ukuthi isikhundla sakhe wasisebenzela.
- Wayenabantu abaningi ababemhlohla ukuthi angayihloniphi inkosi. (2)

8.12 Iqiniso.
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo: (1)
- Wayebiza imihlangano engayazisanga inkosi.
- Wala ukuya ngesikhathi inkosi ithumela isigijimi ukuthi sizombiza.
- Ekugcineni wazibona ukuthi ubedelela ngoba waya koxolisa enkosini ngezenzo zakhe zendelelo. (2)

8.13 8.13.1 B Inkosi. (1)

8.13.2 E Induna yenkosi. (1)

8.13.3 C Isithakazelo sakwaDlamini. (1)

8.13.4 A Unkosikazi wenkosi. (1)

8.13.5 D Wathunywa yinkosi ukubiza uDuma. (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

## IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

### UMBUZO 9: *LAPHO KUKHONA UTHANDO* – NE Mbesa

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- USebenzile uqhutshwa uthando aze avakashele indawo angayazi kwaBulawayo.
- Udabula amazwe ehambela umuntu angakaze ambone ngamehlo kodwa abe emazi ezithombeni ahlangana naye ngeposi kuma-*pen pals*.
- Uze ahambe ngisho nabantu angabazi futhi angabezwa nalapho bekhuluma.
- Uhamba nje ingoba efuna ukuyobona umuzi azoshadela kuwona.
- Uthatha uhambo lwesitimela esishosholoza izinkalo ezikude aze balale khona esitimeleni.
- Uphinda futhi agibele nebhasi aphinde alale khona futhi endleleni.
- Uncama ukuwela umfula ngesikebhe into angakaze ayenze empilweni yakhe yonke.
- Uzithola esevelelwa yingozi yokuketuka ngesikebhe kuze kulahleke nezimpahla zakhe zonke.
- Uphaphama esesibhedlela esezohamba nomunye wesifazane owamazisa konke okwenzeka.
- Konke lokho okwenzeka nokwakwenziwa nguSebenzile kwakwethula umyalezo wothando olufikela umuntu aze abe nesibindi sokwenza nalokho angakaze akwenze, aye endaweni angayaziyo.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) **[35]**

**NOMA**

### UMBUZO 10: UNozimoto – NAP Khumalo

10.1 Ngisayophola. (1)

10.2 'UJiyane-ke wamthatha wamletha kubo emaphandleni'. (2)

10.3
- Ingoba wazalelwa khona. (1)
- Zaziningi izinto zokuchitha isizungu. (1)

10.4
- Wayenesizungu esele yedwa kwakhe.
- Wayefuna ukuyozipholela.
- Wayengafuni ukubhuquza ekhaya imini yonke.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

10.5 Wayengumuntu owayethanda izinto futhi wayengabekezeli ngoba wayegana ephindelela. (2)

10.6 Wayengawuthandi – ngoba wayefuna umyeni wakhe awubhidlize ukuze bayofuna omunye elokishini kodwa umyeni wayengavumi. (2)

10.7 10.7.1 Ukubuyela emuva. (2)

10.7.2 Ukumoyizela/Ukuhleka kancane. (2)

10.7.3 Abadala/Abantu asebekhulile. (2)

10.8 Wawunezindlu ezinkulu eziningi kodwa iyinye indlu enefenisha. (2)

10.9 Ukuthi uJiyane abhidlize umuzi wabo bayothatha indlu elokishini. (2)

10.10 Iphoyisa lomgwaqo layimisa le moto kodwa yaqhubeka ngejubane yangama. (2)

10.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izigebengu zaphuma zingalimalanga nakancane.
- UKaMaseko walimala kabi wangeniswa esibhedlela.
- Izigebengu zatholakala zinamacala okweba imoto.
- Zaphinde zethweswa icala lokungami zimiswa.
- Umyeni wakhe wayefuna ukumdivosa. (2)

10.12 Uthi ngoba kudala emeluleka ukuba ahlukane nokuhamba egibela izimoto angazazi/ukuthi izigebengu zazigange ngaye/wayethi akangahambi ekhaya ashiye kungekho muntu. (2)

10.13 Isifundo (ukuthi sibolalela lapho sikhuzwa ngoba sizogcina ngokuzisola sekonakele). UkaMaseko wayengeke avelelwa yiko konke lokho ukube walalela ngesikhathi ekhuzwa umyeni wakhe.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

10.14 10.14.1 D Umngane kaKaMaseko. (1)

10.14.2 E Umyeni kaKaMaseko. (1)

10.14.3 A Unkosikazi kaJiyane. (1)

10.14.4 C Umngane kaJoe. (1)

10.14.5 B Umshayeli wemoto yezigebengu. (1)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

### *IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO* – EJ Mhlanga no JJ Thwala

### UMBUZO 11: UNozidumo – LMMS Madondo

| | | | |
|---|---|---|---|
| 11.1 | Ilirikhi. | | (1) |
| 11.2 | Uyididiyele ntokazi Afrika/Wayijuba mame omnyama. | | (2) |
| 11.3 | USadamu. | | (1) |
| 11.4 | 11.4.1 | Ukushona. | (1) |
| | 11.4.2 | Ukungabi nazwelo. | (1) |
| | 11.4.3 | Ukuhlanganisa. | (1) |
| 11.5 | Ihaba. | | (1) |
| 11.6 | 11.6.1 | Ukuhlomisa impi ukuze iyohlasela. | (2) |
| | 11.6.2 | Ukushaywa wuvalo kuze kube sengathi ukhishwa yisisu/ ukuhanjiswa isisu. | (2) |
| | 11.6.3 | Ukuhamba ngenhloso yokuyofuna okuthile kodwa ubuye ungakuphethe. | (2) |
| 11.7 | Ususe izidumo waphaka impi kwafa abantu abaningi. | | (2) |
| 11.8 | Iqonde/isho ukuthi uSadamu wabulala bonke abantu, abesilisa nabesifazane. | | (1½) **[17½]** |

**NOMA**

### UMBUZO 12: Phansi – LMMS Madondo

12.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Yilabo abazibona behlakaniphile.
- Abangawuhloniphi.
- Abazicabangela bona bodwa.
- Onontandwakubukwa. (2)

12.2 Bhu
Shwi
Ntengentenge (2)

12.3 Limphonse. (1)

12.4 Baphenduka izinqibi. (2)

12.5 Ukuxhumana maphakathi. (1)

12.6 12.6.1 Ukuthanda ukubukwa/ukuzithwala/ukuzikhukhumeza. (2)

12.6.2 Abazigabisayo/abaziqhenyayo. (2)

12.6.3 Ngokuzehlisa/ngokuba phansi/ngokuhlonipha/ukuthobeka. (2)

12.7 Sikhuthaza ukuthi abantu bazithobe/bahloniphe bazehlise. (2)

12.8 Izimpendulo ziyokwehluka:
Uma ungumuntu kumele uziphathe kahle futhi uhloniphe abantu abaphila kulo mhlaba ngoba uma kungenjalo uzozisola.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (1½)
**[17½]**

**NOMA**

**UMBUZO 13: Ngiyafisa Ukuba Qotho – DA Hlophe**

13.1 Imvumelwano siqalo eyeqayo emgqeni woku-1 nowesi-3. (1)

**Ngi**yafisa ...
Kubazali Bami
**Ngi**hloniphe ... (2)

13.2 Ngiyafisa ukuba qotho. (2)

13.3 13.3.1 Ngiphelelwa amandla. (1)

13.3.2 Inhlanyelo. (1)

13.3.3 Okubi owakwenza. (1)

13.4 Ukuxhumana siqalo okweqayo. (1)

13.5 Ahloniphe wonke umuntu ngenhloso yokufundisa isizwe sakubo inhlonipho/ukuthobeka. (2)

13.6
- Umbhali ufisa ukwethembeka kuJehova.
- Ufisa ukuziveza emsulwa phambi kukaJehova.
- Ufisa ukukhala kuSomandla amuzwe ngoba yena uyazi ukuthi uqondephi.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (4)

13.7 Ithi ifisa ukuba qotho kubazali bayo. (1½)

13.8 Ngiyavumelana:

Imbongi ithi ifisa ukuba qotho ukuze itshale imbewu yobuqotho ibe yisibonelo esihle esizweni sakubo. (2)
**[17½]**

**NOMA**

**UMBUZO 14: Lobu Bungani Ngiyabuhlonipha – LMMS Madondo**

14.1 Isisekelo sakho siqine siyitshe. (2)

14.2 14.2.1 Umlilo ovutha kakhulu. (1)

14.2.2 Kunzima. (1)

14.3
- Iqiniso. (1)
- Ukwethembeka. (1)
- Uthando. (1)

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

14.4 Ngisinge ngahlonga ngathola iqiniso.
Sakhiwe ngothando neqiniso. (1)

14.5 Ngenxa yesisekelo esibiyele lolu thando.
Nokunye okuyoshiwo ngabafundi, uma nje kususelwe enkondlweni (2)

14.6 14.6.1 Ukubukisisa isikhathi eside/ukuhlahlela umuntu amehlo/ukubuka umuntu ezinhlamvini zamehlo. (2)

14.6.2 Sebayingcosana ohamba nabo/sebembalwa/sebephungukile. (2)

14.7 Umngane weqiniso. (1½)

14.8 Ngiyavumelana.
- Uma kukhuphukela bayancipha ohamba nabo.
- Uma kufika izivunguvungu/iziphepho/izikhukhula/umlilo babaleka bonke.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

**[17½]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Bheka kokuqukethwe uphawule izinombolo zemibuzo ebhekiswe emsebenzini owufunde phakathi nonyaka.

3. I-eseyi yakho yemibhalo kumele ibe ngamagama aphakathi kwayi-190 kuya kwangama-240.

4. Emibuzweni emifishane, uzoholwa imiklomelo enikezwe ukuthi impendulo yakho kufanele ibe yinde kangakanani.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.

6. Bhala ngesandla esibonakalayo nesifundekayo.

7. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA.

8. Kulindeleke ukuba uphendule imibuzo EMIBILI kunoma yiziphi izincwadi ezimbili. Ungathathi imibuzo emibili encwadini eyodwa.

9. QAPHELA: Uma ukhetha ISIQEPHU D phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula.

| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.*** | | | |
|---|---|---|---|
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **IMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | Umbuzo omude | 35 | 4 |
| **NOMA** | | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | Umbuzo omfishane | 35 | 4 |
| **NOMA** | | | |
| 3. *Umshado* | Umbuzo omude | 35 | 6 |
| **NOMA** | | | |
| 4. *Umshado* | Umbuzo omfishane | 35 | 6 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.*** | | | |
| 5. *Isiko Nelungelo* | Umbuzo omude | 35 | 8 |
| **NOMA** | | | |
| 6. *Isiko Nelungelo* | Umbuzo omfishane | 35 | 8 |
| **NOMA** | | | |
| 7. *Ababulali Benyathi* | Umbuzo omude | 35 | 10 |
| **NOMA** | | | |
| 8. *Ababulali Benyathi* | Umbuzo omfishane | 35 | 10 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.*** | | | |
| 9. Lapho kukhona uthando | Umbuzo omude | 35 | 13 |
| **NOMA** | | | |
| 10. Unozimoto | Umbuzo omfishane | 35 | 13 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>***Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.*** | | | |
| 11. UNozidumo | Umbuzo omfishane | 17½ | 15 |
| **NOMA** | | | |
| 12. Phansi | Umbuzo omfishane | 17½ | 17 |
| **NOMA** | | | |
| 13. Ngiyafisa Ukuba Qotho | Umbuzo omfishane | 17½ | 18 |
| **NOMA** | | | |
| 14. Lobu Bungani Ngiyabuhlonipha | Umbuzo omfishane | 17½ | 19 |

## ISIQEPHU A: INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama- 240.

### UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

UManyoba nguyena umlingiswa oqavile kule ndaba. Chaza ukuthi izingqinamba/izinkinga ayebhekana/ayehlangabezana nazo ziyithuthukisa kanjani indaba ize ifike kuvuthondaba. **[35]**

**NOMA**

### UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

... 'Bafowethu mina ngibona kufanele siyofunda esikoleni sasebusuku ukuze nathi sikwazi ukuzifundela izincwadi zethu, singalokhu sihlupha abantu njalo uma sibhalelwe yizintombi zethu. Nithini nina madoda ngale ndaba na?' Isho le nsizwa zivumele phansi ezinye izinsizwa.
Ibuze enye insizwa: 'uthi thina bothina nje siyokwazi ukubhala, siveteze njengoLwazi abaveteza sengathi bazalwa abeLungu? Uke umbone uma ebhala ukuthi usheshisa kanjani? Mina ngibona sengathi angeke salunga lapho.'
'Mina ngibona kungafanele sesabele kude. Ikhona enye insizwa lapha emsebenzini ethe yona isiqalile futhi isiyakwazi ukubhala igama layo manje, ize yalibhala ngomunwe phansi emhlabathini ngesikhathi sidla izolo. Isibhala kahle nje impela, ize yathi kimina izongiyisa khona kusasa lokhu. Ngiyaya impela. Ngifuna ukubhalela umama ekhaya engakapheli amasonto amahlanu.'

Ha! Yayenza indaba le nsizwa, wayesebuzile uManyoba: 'Uthe kukhokhwa nini? Kanjani?' Wambuka akabe esabheka eceleni. Phela lokhu sekuzomsiza akwazi ukuzifundela ikakhulukazi ngoba emsebenzini bamthembisa ukumkhuphulela kwesinye isikhundla uma esekwazi ukubhala nokufunda.
'Kukhokhwa ekupheleni kwenyanga.' Akangitshelanga ukuthi kufundelwaphi kodwa uthe uma ngithanda, angicele abanye esizohamba nabo, indlela ithanda ukuba yihlane uma usuka ngala kwelethu ihostela.'

'Mina ngiyathanda futhi ngizimisele ukuya. Thina asilitholanga ithuba lokufunda. Uma ithuba lifika, kufanele silithathe ngezandla zombili ukuze singahlupheki njengobaba bethu. Mtshele lowo muntu ukuthi nami ngiyeza nakanjani angesabi.'
Kwayijabulisa le nsizwa lokhu ekuzwayo ngoba yayesaba ukuthi akuzuvela muntu bese ingabe isakwazi ukufeza iphupho layo lokuba ngelinye ilanga ibe isifundiswa ngoba yayisencane ngeminyaka.

2.1 Akuphi lawa madoda njengoba ekhuluma nje? (1)

2.2 Yini eyenza lawa madoda afune ukuyofunda esikoleni sasebusuku? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.3 Kungani ukuthi lona ofuna ukufunda acele abanye ayezohambisana nabo? (2)

2.4 Lo okhulumayo ekuqaleni kwendaba uzitshela ukuthi kuzomthatha isikhathi esingakanani ukufunda ukubhala uma eqala ukufunda esikoleni sasebusuku? (1)

2.5 Ngokwalesi siqeshana yini eyayikhuthaza uManyoba kakhulu ukuthi afunde ebusuku? (2)

2.6 Kukhokhwa kanjani kulesi sikole? (1)

2.7 Ukuvuma kwalezi ezinye izinsizwa ukuya kofunda ebusuku kwaliphumelelisa kanjani iphupho lalo owayexoxa. (2)

2.8 Yini enika lawa madoda isiqiniseko sokuthi ukufunda ebusuku kwakuzoba impumelelo? (2)

2.9 Khetha igama elifanele kubakaki:

2.9.1 UManyoba waqala ukusebenza (eGoli, eMdlovana, eThekwini). (1)

2.9.2 U (Thulani, Fanyana, Sbongiseni) kwakuyigama lenye yamadodana kaManyoba. (1)

2.9.3 Ngesikhathi uManyoba esebenza ePitoli wayehlala (ehostela eMamelodi, eSoweto, emjondolo). (1)

2.9.4 Ngesikhathi esezothatha umhlalaphansi uManyoba wabuya wazosebenza ngasekhaya. Wathola umsebenzi (esikoleni, edeli, ehhotela). (1)

2.9.5 Igama likankosikazi kaManyoba kwakungu (Nomathemba, Ntombi, Mirriam). (1)

2.10 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

2.10.1 Ukuvumela phansi (2)

2.10.2 Ukuveteza (2)

2.11 UManyoba wayeyindoda eqotho eyakwazi ukuhlelela ikusasa lezingane zayo ukuze ziphile impilo engcono. Sekela lesi sitatimende. (2)

2.12 UManyoba wenza iphutha ngokungayifundisi indodakazi yakhe okwakungukuphela kwayo. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.13 Yisiphi isifundo osithole ngokufunda le ndaba? (2)

2.14 Bhala izinto EZINE uManyoba azenza/azizuza ngesikhathi esasebenza. (4)

2.15 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi ukweqa kukaManyoba epulazini kwamsiza? Sekela impendulo yakho. (3)
**[35]**

**NOMA**

## UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

UBhekani ubhekene nezinkinga eziningi othandweni lwakhe noTholakele. Chaza ukuthi lezi zinkinga ziyikhulisa kanjani indaba ize ifike kuvuthondaba. **[35]**

**NOMA**

## UMBUZO 4: *UMSHADO* – N Zulu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Isikhathi sihambe. Lutho umakoti. Usecasukile manje uBheki. Umfundisi athi abangene manje abakwamkhwenyana. Bavume. Bangena nje uBheki uyazihudula. Yilokhu ebheka emuva into engapheli. Abone ukuthi kusobala ukuthi isu likaBhatomu lisebenzile. Axakwe ukuthi abasezi ngani ukuzobika uma kukhona ingxaki.

Kuzwakale umsinjwana phandle. Yibo oTholi. Abazilungisile bayaconsa. Ukhona noPamella. Akhululeke kancane uBheki. Umfundisi athumele ukuthi abangene ngokushesha. Nempela bangene. Kukikizelwe, kuchwaze esontweni.
Kube ukungena nje aqale umsebenzi umfundisi. Kuthi kuphakathi kusukume uyise kaTholi, amemeze khona esontweni lapha: 'Ubani othathe ilobolo lalo makoti?'
Abantu babheke kulo baba omemezayo. Amehlo abomvu klubhu kulo baba. Bathi bayamthulisa athethe aye phambili. Alizwe leli izwi elibuzayo uBheki. Ezwe efikelwa umjuluko omncane. Kusobala ukuthi imali yakhe idliwe uZenze yonke. Uthe eselalele lokho, wasukuma uTholi waqonda ngqo kulo baba omemezayo. Weswela umgodi wokucasha uBheki. Umfundisi athi akuculwe. Licule ibandla. Afike uTholi athi ukukhuluma noyise, ahlale phansi uyise.

Athi efika eduze kukaBheki uTholi, abuze uBheki ukuthi ubeyothini kuyise. 'Kanti nalishonisaphi ilobolo Tholi?' Ubuza ngokuhleba ecasukile manje uBheki. Athi engakaphenduli uTholi umfundisi athi akuqhutshekwe. UBheki useyagula ephoxeka kangaka endaweni yakubo. Nokho aziduduze ngokuthi isiwombe esidlulayo nje lesi.
Umfundisi amemezele ukuthi ofuna ukuwumisa umshado angawumisa noma ayeke unomphelo. Kumfome izithukuthuku kuBheki. Ucabanga ngoLindiwe. Umfundisi angasheshi ukulivala leli thuba. Axakeke uBheki ukuthi umfundisi wenzani manje. Esabe uBheki sengathi kuzoze kusukume ozothikazisa.

Kuthi uma umfundisi ethi akuqhutshekwe, aphumule. Afise sengathi ngabe uyabonga kuLindiwe. Akabange esaqhubeka nokho umfundisi. Wathikaziswa abeLungu abaphonseka khona endlini yesonto lapho. Kwakuyizinsizwa ezimbili nentokazi eyodwa. Intokazi le isifakwe ozankosi. Benyuke laba beLungu baqonde emsamo lapho okuhlezi khona abashadayo. Bathi ukukhuluma bodwa laba beLungu. Ikhombe umakoti le ntokazi efakwe ozankosi. UBheki wathi ethi jeqe wabona ukuthi uPamella lo oseboshiwe. Uthe ethi uyasukuma; bamhlalisa phansi. Lezi zinsizwa ezimhlophe ezimbili kwacaca ukuthi amaphoyisa. Elilodwa iphoyisa lakhipha izinsimbi labopha umakoti. UBheki kwakusengathi uyaphupha. Wasuka walandela amaphoyisa ayesehamba noTholi. Kwasuka omkhulu umsindo esontweni.

4.1 Bakuphi oBhekani njengoba belindile nje? (1)

4.2 Kwakungubani lo baba owayebuza ukuthi ilobolo lidliwe ngubani? (1)

4.3 Ngubani owamukela ilobolo kubakhongi? (1)

4.4 Zazibanjelwe kuphi izingxoxo zamalobolo? (1)

4.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma:

4.5.1 Ukuzihudula (2)

4.5.2 Ukuchwaza (2)

4.5.3 Ukweswela umgodi wokucasha (2)

4.6 Yini eyayenza ukuthi uBheki amfome izithukuthuku/ajuluke? (2)

4.7 Ngamaphuzu AMATHATHU chaza ngobungani bukaTholakele noPamella. (3)

4.8 Yini eyenza umalume kaBhekani angavumi ukuba ngumkhongi kaBhekani ngesikhathi ecelwa ukuba ayolobola uTholakele? (2)

4.9 Bhala amaphupho AMABILI ubaba kaBhekani axhumana ngawo naye. (2)

4.10 Kuningi okwakungajwayelekile ngendlela uTholakele alotsholwa ngayo. Bhala amaphuzu AMABILI. (4)

4.11 UTholakele wayedlala ngoBhekani engamthandi okwangempela. Sekela lesi sitatimente ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.12 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi uBhatomu wayemane emesabisa nje uBhekani ngokuthi uzokwenza isiqiniseko sokuthi angakwazi ukushada noTholakele. (3)

4.13 Ngokwakho ukucabanga yini eyenza oTholakele balibale kangaka ukufika esontweni? (2)

4.14 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

| UHLU A | | UHLU B | |
|---|---|---|---|
| 4.14.1 | USfiso | A | Umfowabo womyeni kaTholakele. |
| 4.14.2 | UPamella | B | Wahlangana noTholakele baqola uBhekani imali yakhe. |
| 4.14.3 | ULindiwe | C | Wayefundisa noBhekani esikoleni esisodwa. |
| 4.14.4 | UZenze | D | Wayengumngani kaTholakele. |
| 4.14.5 | UBhatomu | E | Kwakuyintombi kaBhekani eyamtholela ingane. |

(5 x 1) (5)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama- 240.

**UMBUZO 5: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Kulo mdlalo uThenjiwe ubhekene nezinkinga eziningi. Chaza usuka kwisisusa sodweshu uveze ukuthi lezi zinkinga ziwukhulisa kanjani lo mdlalo uze ufike kuvuthondaba. **[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**(*Kusekhaya kwaManzini. Kuhleziwe phansi kwesihlahla kubhungwa indaba kaThenjiwe*)**

| | |
|---|---|
| Zungu: | Usesehlule umakoti Mondise uthi isiko leli akalazi. Angazi-ke ukuthi nanifundise kanjani kanti. |
| MaMbatha: | Okusixaka du, lo muntu akafuni ukukhuluma. Uvele avuke inja ebomvu. Okwesibili njengoba ebuya nje. Useke wazihambela asamazi nokuthi ushonephi. |
| Mondise: | Kanti awuhloniphi lapha emzini Thenjiwe?<br>Yini le engiyizwayo? Uzongiphoxa lapha? |
| Thenjiwe: | Uxolo baba. Ngahanjiswa isimo esasilukhuni. |
| Mondise: | (*Ethukuthele*) Angithi ngangikhona amakhosikazi ekuyala ethi kuyabekezelwa emendweni? Usuyehluleka ufika nje? |
| MaMbatha: | Ufike esehamba nodadewabo omdala lapha. Yena-ke ubelokhu esibelesele ngembudane yamalungelo. Naye olunye nje uhlanya.<br>Belungasiniki nethuba lokukhuluma. |
| Zungu: | Ngize ngamtshela ukuthi akayolungisa izindaba zasemzini wakhe ngoba owami lo muzi. |
| Thenjiwe: | Ake ngichaze ba ... |
| Mondise: | Thula! Yini osayichaza? Awuboni ukuthi sesingene ezindlekweni zokuhlawula ngalezi zenzo zakho? Kodwa yini le eyenziwa nguNondumiso? |
| MaMbatha: | Asazi Mondise thina siyakuzwela impela. Le ngane izohlala kabi lapha ekhaya. UDumisani umuntu ophilayo. Indoda emadodeni. |
| Zungu: | Nami bengizomgada umfana wami angadlali ngengane. Yikhaya leli Mondise. Noma sihlupheka kodwa siyaphila. |
| Thenjiwe: | Angazi noma sengingakhuluma baba? |

6.1 Ingabe uZungu uthi yiliphi leli siko umakoti athi akalazi? (2)

6.2 UMaMbatha uthi uThenjiwe uvele ahambe bangamazi ukuthi uyephi. Wayeyephi okokuqala? (1)

6.3 Uqonde ukuthini uMaMbatha uma ethi udadewabo kaThenjiwe ubengabaniki ithuba lokukhuluma? (2)

6.4 UThenjiwe uvezwe njengomlingiswa onenkani. Sekela lesi sitatimende ngokwalesi siqeshana. (2)

6.5 Yiyiphi le mbudane yamalungelo ayekhuluma ngayo udadewabo kaThenjiwe? (2)

6.6 Bhala izinto EZINTATHU ezaziphoqa uThenjiwe ukuthi agane/ashade uDumisane. (3)

6.7 Isiphi isithembiso uZungu asinika uMondise mayelana nendaba kaThenjiwe? (2)

6.8 Khetha impendulo efanele kubakaki:

6.8.1 Owabona uThenjiwe efaka ushevu etiyeni likaDumisani kwakungu (MaMbatha, Thabi, Gugu).

6.8.2 Umyeni kaThenjiwe owabulawa udlame kwakungu (Dumisani, Skhumbuzo, Sipho).

6.8.3 USipho kwathiwa uyophuma ejele mhla (uThenjiwe wavuma ukungenwa uDumisani, uThenjiwe waxolisa ngokunqaba ukungenwa uDumisani, kwaphola inxeba likaDumisani).

6.8.4 Udadewabo kaThenjiwe kwakungu (Nondumiso, Gugu, Thabi).

6.8.5 Ugogo kaThenjiwe (wayemsola, wayemkhuthaza, wayejabula ngokwala kukaThenjiwe ukugana uDumisani). (5 x 1) (5)

6.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

6.9.1 Ukuhlawula (2)

6.9.2 Ukuvuka inja ebomvu (2)

6.10 Ubaba kaThenjiwe uMondise uthi indodakazi yakhe ayihloniphi. Ngabe uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.11 Yini okufanele ayenze uThenjiwe ukuze kuxazululeke inkinga ebhekene nomndeni wakwaMondise? (2)

6.12 Ngamaphuzu AMABILI chaza ukuthi lo mdlalo uphathelene kanjani namasiko. (2)

6.13 Ngokwale ndaba isiko lokungenwa alikhethi/alibheki iminyaka yabantu. Sekela lesi sitatimende. (2)

6.14 Qhathanisa inkolelo (belief) kaMaMbatha noNondumiso mayelana nesiko namalungelo. (2)

6.15 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi abazali bakaThenjiwe banikela ngaye kwabakwaZungu? Sekela impendulo yakho. (2)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 7: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

Kulo mdlalo ikhansela uDuma ubhekene nezinkinga eziningi. Chaza usuka kwisisusa sodweshu uveze ukuthi lezi zinkinga ziwukhulisa kanjani lo mdlalo uze ufike kuvuthondaba. **[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 8: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

**(Emzini wenkosi. Inkosi ixoxa nenduna uDlamini. Bahleli endlini yokuphumula.)**

Shandu: Cha inkulu indaba bo! UDuma lo usibuyisela emuva. Ngempela abantu abalawulwa ngamagqubu bayingozi.

Dlamini: Uyangixaka lo muntu ngoba emva kombhedukazana wokulwa kwabantu, kwathelelwana amanzi. Manje kuyabonakala ukuthi yena uzama ukusebenzisa isikhundlana sakhe ukutshengisa amandla akhe.

Shandu: Kodwa-ke uzoqhatha abantu bami uma eqhuba kanjena. Uyabona-ke, uma nje engafika ethi uzocela ukubamba umhlangano nabantu bami, ngizomane ngiqale ngokumehlisa ngimbizele umkhandlu khona ezothola imibuzo ezomenza akhumbule ukuthi noma eyikhansela kodwa ubukhosi busekhona. Uthi uyazi nje ukuthi amanye amakhansela akwezinye izindawo asebenzisana namakhosi awo.

Dlamini: Ndabezitha! Ngempela mina angizange ngithume muntu. Labo bantu abamthusile bebezwakalisa ilaka labo ngalokhu kugcwaneka kwakhe. Ukube kuseyikuqala, mina bengizobonisa uNdabezitha ukuthi akamdingise.

Shandu: Hhawu! Hhawu! Intando yeningi seyasiphundla wonke lawo mandla. Yikho nje sesidlala abantu abanjengoDuma.

| | |
|---|---|
| Dlamini: | Kwakufanele lo Hulumeni aqale ngokuqeda ngomthetho wamandla nemisebenzi yenu Ndabezitha. Kungenjalo, kwakuzothi kuqambe kuvotwa kube sekucace kwahlala obala njengezinqe zesele ukuthi oNdabezitha bayini kulesi simo sentando yeningi. Yingakho nje mina ngiyaye ngithi uma kungasa sengingumsocongi ngingaqala ngokusoconga wonke amakhansela. |

8.1 Bhala izikhundla zalaba badlali abalandelayo:

8.1.1 UDuma (1)

8.1.2 UDlamini (1)

8.1.3 UMbandlwa (1)

8.2 Ingabe uDuma nenkosi baxatshaniswa yini? (2)

8.3 Yini eyenziwa umbuso wentando yeningi ngokwenkosi uShandu? (1)

8.4 Tomula igama elisho '**ukubulala**' elisetshenziswe uDlamini elisesiqeshini. (1)

8.5 Elani leli cala elibhekene noDlamini? (2)

8.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma:

8.6.1 Ukuthelelana amanzi (2)

8.6.2 Ukuqhatha (2)

8.6.3 Ukudingisa (2)

8.7 UMaShezi wayengunkosikazi ongayihloniphi indoda yakhe. Nika amaphuzu AMABILI ukusekela lo mbono. (2)

8.8 UMbandlwa nguyena owayeshoshozela uDuma ukuthi adelele inkosi. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.9 Bhala amaphuzu AMATHATHU ngokwalo mdlalo akhombisa/afakazela ukuthi: Kule ndawo akukho ukuthula nabantu bakhona bahlale bexabana. (3)

8.10 Phawula ngengwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

8.11 Yini eyenza uDuma azibone emkhulu kunenkosi angafuni ukuyithobela? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

8.12 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi uDuma wayeyindoda engahloniphi. Sekela impendulo yakho. (3)

8.13 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

| UHLU A | | UHLU B | |
|---|---|---|---|
| 8.13.1 | UShandu | A | Unkosikazi wenkosi |
| 8.13.2 | UDlamini | B | Inkosi |
| 8.13.3 | Mzizi | C | Isithakazelo sakwaDlamini |
| 8.13.4 | Undlunkulu | D | Wathunywa yinkosi ukubiza uDuma |
| 8.13.5 | Unogada | E | Induna yenkosi |

(5 x 1) (5)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

### UMBUZO 9: LAPHO KUKHONA UTHANDO – NE Mbesa

USebenzile uvezwe njengomlingiswa oqavile futhi onothando lwangempela. Chaza ngezigameko/izenzeko ahlangabezane nazo ukuthi ziyithuthukisa kanjani indaba ekwethuleni umyalezo. **[35]**

**NOMA**

### UMBUZO 10: UNOZIMOTO – NAP Khumalo

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Dukuduku emile, baqhamuke abanye beze esitobhini. Kuthi makhathaleni kuqhamuke umngane wakhe uDombi. UDombi lo wayeganile, kwabuye kwabonakala esesekhaya kubo, kwaya kwaya kwezwakala ukuthi zifike zawunqanda phambili, wahlehla nyovana, nakhu phela awuthunyelwa gundane.

'Hawu!, sawubona Dombi! Kade ngakugcina silwane sikamhlolo, singqumuze ezethu ezimnandi!' kusho uKaMaseko eneme, emomotheka.
'Siyabonana ntombi. Waze wamuhle dade sewuzigaxe zaphelela ezakho.'
'Musa ukungicasula wena Dombi. Uthi 'ntombi' kimi, ungikhumbuza ngiseyimi. Ngiseyintombi yani sengabulawa intuthu yakwaJiyane nje?'
'Hhayi wena awuve uhlekisa nje. Uya edolobheni?'
'Akubuzwa Dombi. Ngisayophola. Awu, usale uqokoza wedwa nje ekhaya sengathi uyisilima.'
'Uqinisile Mntakwethu. Buye mkhulu nomuzi wakho bo! Izindlu konje zingaki? Ziyisithupha?'
'Ziyisikhombisa Dombi.'
'Awuzwe-ke!'
'Kade njalo ngangimncenga uJiyane ngithi asibhidlize umuzikazi lona ongasile, siyothatha indlu elokishini, engafuni. Ngabe nesizungu asingibulali kanje.'
Phela uKaMaseko walithanda kabi ilokishi. Futhi kwakuyindawo azalelwa kuyona. UJiyane-ke wamthatha wamletha kubo emaphandleni.
'Uqinisile lapho ntombi kaMaseko. Elokishini phela ziningi izinto zokuchitha isizungu.'
'Awubheke nje,' kusho uKaMaseko, 'umuzi usho ngezindlu ezinkulu eziningi kangaka kodwa phakathi akukho lutho. Indlu enefenisha yinye, yilena kaJiyane enkulu. Nayo nje le fenisha isindala, seyaphuma nasefeshinini. Mina amadoda ngesinye isikhathi ayangixaka,' esho enyusa ikhala uKaMaseko.
'Mina angisaboni nje ukuthi ngisengabekezelela indoda. Ndawo! Ukuhlangana kwabantu sebemazinyo qinile bobabili nje yinto engasebenzi leyo,' kusho uDombi enwaya isihlathi.

10.1 Caphuna igama esiqeshini elichaza ukuthi uKaMaseko usayoshaywa umoya edolobheni. (1)

10.2 Caphuna umusho ositshela ukuthi umuzi kaJiyane wawusemaphandleni. (2)

10.3 Kungani uKaMaseko wayethanda indawo yaselokishini? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

10.4 Bhala OKUTHATHU okwakwenza uKaMaseko athande ukuvakashela edolobheni. (3)

10.5 Ngokucabanga kwakho wayeziphethe kanjani uDombi? (2)

10.6 Ingabe uKaMaseko wayewuthanda umuzi awakhelwe umyeni wakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

10.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

10.7.1 Ukuhlehlela nyovana (2)

10.7.2 Ukumomotheka (2)

10.7.3 Asebemazinyo qinile (2)

10.8 Chaza ukuthi wawungakanani umuzi kaKaMaseko. (2)

10.9 Yini uKaMaseko ayencenga uJiyane ukuthi ayenze? (2)

10.10 Kungani amaphoyisa adubula isondo lemoto eyayigibeze uKaMaseko? (2)

10.11 Chaza izinto EZIMBILI ezenzeka emuva kokudutshulwa kwale moto. (2)

10.12 Yini eyayenza ukuthi umyeni kaKaMaseko angafuni ukumxolela emva kokulimala kwakhe? (2)

10.13 Bhala isifundo ositholile kule ndaba. (2)

10.14 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

| UHLU A | | UHLU B | |
|---|---|---|---|
| 10.14.1 | uDombi | A | Unkosikazi kaJiyane |
| 10.14.2 | uNtokozo | B | Umshayeli wemoto yezigebengu |
| 10.14.3 | uKaMaseko | C | Umngane kaJoe |
| 10.14.4 | uSam | D | Umngane kaKaMaseko |
| 10.14.5 | uJoe | E | Umyeni kaKaMaseko |

(5 x 1) (5)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

### *IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO* – EJ MHLANGA no JJ THWALA

### UMBUZO 11

Khetha izinkondlo EZIMBILI kuphela bese uphendula imibuzo.

Funda le nkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UNozidumo – LMMS Madondo**

Ngikubonile mntanomuntu uyiphaka,
Ngikubonile nkosazana uyididiyela
Ngikuzwile mntanomfazi uyiyalela
Ngikuzwile ngane yabantu uyikhakhabeza,
Uyiphake angakholwa nkosazane,
Uyisuse kwelakini koMelika,
Wayisingisa kwelenkolo koSadamu,
Uyiphake yadl' amadoda mame,
Uyiphake kwasuka izidumo Nozidumo.

Uyiphathise omkhulu umyalezo,
Kashongo njalo okaBush!
Uyididiyele ntokazi Afrika,
Wayijuba mame omnyama,
Kwagxabhazela izisu emadodeni.
Uyididiyele kwaphela izinseka
Zobumame obamumatha izinyanga,
Abantwana babantu abazocoboshiswa.

Uyiphakile Nozidumo wakithi,
Wanamathela kwabakhulu bakho,
Wayikhomba engahlehliyo,
Wayiyisa kuNtshebende
Iphume ekamabuyaze eyakho,
Wayisingisa koSadamu
Ngolaka nesankahlu seluxu,
Lokwahluleka kuNtshebende,
Wayikhomba ngolaka oluphindiwe,
Yadla mfazi yadla ndoda kuSadamu.

Izidumo ezingaka uzisusa ngaliphi?
Ulaka olungaka uluthathaphi?
Isibindi esingaka wasifundiswaphi?
Izindimbane ezilele kobandayo?
Ngelakho izwi Nozidumo elinonya,
Ngabe wunya lobugqila boyihlomkhulu?
Ngabe usebenzela usathane ozimpondompondo?
Benzeni uma bezicijela imikhonto yabo?
Kakade igqzulwa ubisi lwayo.

11.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? (1)

11.2 Caphuna umusho estanzeni sesibili okhombisa ukuthi ngumuntu wesifazane ophaka le mpi. (2)

11.3 Bhala umuntu oyedwa owanqotshwa/owahlulwa yimpi kaNozidumo. (1)

11.4 Khetha impendulo efanele kubakaki:

11.4.1 Igama elithi '**ezilele**' lisho: (ukushona; ukukhathala; ukulwa) (1)

11.4.2 Izwi **elinonya** lisho: (ukudelela; ukuhlonipha; ukungabi nazwelo) (1)

11.4.3 Ukudidiyela kusho: (ukuhlukanisa; ukuhlanganisa; ukuphaka impi) (1)

11.5 Sifenqo sini esiqukethwe yilo musho olandelayo:

**Kwagxabhazela izisu emadodeni.** (1)

11.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisebenzile enkondlweni:

11.6.1 Ukuyiphaka (2)

11.6.2 Ukugxabhazela isisu (2)

11.6.3 Ukuphuma ekamabuyaze (2)

11.7 Chaza ukuthi igama uNozidumo lihambisana kanjani nokwenzeka enkondlweni. (2)

11.8 Ngokucabanga kwakho imbongi iqonde/isho ukuthini uma ithi:

**Yadla mfazi yadla ndoda kuSadamu.** (1½)
**[17½]**

**NOMA**

**UMBUZO 12**

Funda le nkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Phansi – LMMS Madondo**

Umhlaba ungumhlaba ngokuhlaba
Uwuhloniphe uwukhonze uyakukuhlonipha
Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha
Lunye kuwo uhambo
Impinda kayikho
Lunye kuwo uhambo
Impinda kayikho
Sinye kuwo isikhathi
Sifushane asenele
Ubumpigogo nobusakabuli buyaqedwa
Bushazwe yizingqotho nemishazo yomhlaba
Omahlalothini abantengenyekayo ntengentenge
Bawe bhu bahuluze okwamahobosha
Abaqhwaklazela phezul'onontandakubukwa
Baphenduk'izinqibi kugayingane imilomo
Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili
Ngentobeko yobuphansi okwezintuthwane
Ube phansi nangenzolo ezothile yobuntu.

12.1 Ngokwale nkondlo ngabanjani abantu abazondwa ngumhlaba? Bhala OKUBILI. (2)

12.2 Caphuna izenzukuthi EZIMBILI ezitholakala kule nkondlo. (2)

12.3 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Osemuva limshwibe (limehlise; limphonse; limsuse) limbeke phambili. (1)

12.4 Ngokwembongi abantu abathanda ukubukwa bagcina sebenjani kulo mhlaba? (2)

12.5 Shono uhlobo lokuxhumana olutholakala emgqeni we-17 kuya kowe-18. (1)

12.6 La magama alandelayo achazani ngendlela asetshenziswe ngayo kule nkondlo:

12.6.1 Ubumpigogo (2)

12.6.2 Onontandakubukwa (2)

12.6.3 Ngentobeko (2)

12.7 Phawula ukuthi isihloko sale nkondlo sikhuthaza kanjani indlela abantu okufanele baziphathe ngayo. (2)

12.8 Ngokucabanga kwakho imbongi isho ukuthini uma ithi:

'Umhlaba ungumhlaba ngokuhlaba' (1½)

**[17½]**

**NOMA**

**UMBUZO 13**

Funda le nkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ngiyafisa Ukuba Qotho – DA Hlophe**

Ngiyafisa ukuba qotho
Ngishumayele ngobuqotho,
Ngibe qotho ezindleleni zami
Ulimi lwami lube qotho,
Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.

Ngiyafisa ukuba qotho
Emisebenzini yami
Nanxa ngikhandleka
Imisebenzi yami ibe qotho
Iziphambeko zami zisulwe

Ngiyafisa ukuba qotho
Kubazali bami
Ngihloniphe omdala nomncane
Ukuze ngitshal' imbewu
Yobuqotho esizweni sakithi.

Ngiyafisa ukuba qotho
Eziphiweni zami enginazo
Ukuze ngizisebenzise zonke
Ngokukhulu ukwethembeka
Ukuze ngijabulise abantu.

Ngiyafisa ukuba qotho
Naku Somandla uqobo!
Ngiziveze ngimsulwa kuye.
Ngikhale kuye angizwe
Yen' owazi ngempokophelo yami.

13.1 Shono uhlobo lwemvumelwano olutholakala endimeni yesithathu unike nesibonelo. (2)

13.2 Tomula impindwa etholakala kule nkondlo. (2)

13.3 Khetha impendulo efanele kubakaki:

13.3.1 Nanxa ngikhandleka (ngiphelelwa uthando; ngiphelelwa amandla). (1)

13.3.2 Igama elithi '**imbewu**' lisho: (inhlanyelo; umthombo). (1)

13.3.3 Igama elithi '**iziphambeko zakho**' lisho: (okuhle owakwenza; okubi owakwenza). (1)

13.4 Shono uhlobo lokuxhumana endimeni yesine. (1)

13.5 Imbongi ichaza ukuthini uma ithi:

'Ngihloniphe omdala nomncane
Ukuze ngitshal' imbewu.' (2)

13.6 Phawula ngomqondo osobala wale nkondlo ubhekise kusigaba sokugcina. Bhala amaphuzu AMABILI. (4)

13.7 Ngokubona kwakho imbongi ithi ifuna ukuba njani kubazali bayo? (1½)

13.8 Ingabe uyavumelana nombono othi:

Uma ungumuntu oqotho uba yisibonelo esihle ezweni ohlala kulona? Sekela impendulo yakho ngokusenkondlweni. (2)

**[17½]**

**NOMA**

**UMBUZO 14**

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Lobu Bungani Ngiyabuhlonipha – LMMS Madondo**

Lobu bungani ngiyabuhlonipha
Ngiyabuhlonipha lobu bungani
Bungani ngikubuke ngakugqolozela
Ngakugqolozela ngabona izimpawu,
Izimpawu ezenze ngakuhlonipha
Ngikuhloniphe ngabuka indlela owakhiwe ngayo,
Isisekelo sakho siqine siyitshe
Size sibe yitshe nje kade sakhiwa ngani
Ngisinge ngahlonga ngathola iqiniso
Sakhiwe ngothando neqiniso.

Uma kwehlela nihambe nabaningi
Nikhaphuzela,
Kufikwe ethafeni bancipha ohamba nabo,
Kuqoshwe intaba sebeyidlanzana ohamba nabo,
Ufike esicongweni usuhamba nomngani weqiniso,
Bayazibuza abaningi ukuthi yini imfihlo yakho

Imfihlo yakho uQiniso uThembeka uNoluthando
Uma laba beke bashingila
Kumuka konke kuphele konke.
Kungumqansa ukubuyisa lezi zithandani
Maye itshe ukuzibuyisa

Kufike izivunguvungu neziphepho
Kwawohloka konke ziphephetha zibhenguza
Amakloba omlilo nawo azizwe amandla
Izikhukhula nazo azizibekanga phansi
Babaleke bonke bashiya isithunzi
Wama wasala wazimelela waqinisela.
Lobu bungani buphonswe emlilweni basha
Babuka bathi iphelile indaba kanti lutho
Buphume emlilweni bacwebezela kakhulu kunakuqala
Buphume sebuqine buyinsimbi.

Kufike nongqoqwane
Kuzithemba okungunkunzimalanga,
Kuneqiniso lokuthi kuzobuqeda lobu bungani.
Phinde wehlulekile Qhwandini.
Ugadle kulobu bungani washaya umoya
Kubonakale ukuthi buqinile lobu bungani
Akulula ukububhidliza ngenxa yesisekelo sabo,
Kufike wena kugula lutho kwafika wena
Zinsizi lutho.
Kwafika wena manga lutho
Wema mthakathi wezindaba
Wagoloza wazigqolozela izitha zakho,
Zasangana zingazi ukuthi zizokwenzenjani
Bungani ngiyakuhlonipha.

Awudle ngazimanga namsindo
Awupigogo awunontandakubukwa.

14.1 Estanzeni sokuqala tomula umugqa ofakazela ukuthi lobu bungani bungehlukaniswe muntu. (2)

14.2 Khetha impendulo efanele kulezo ozinikiwe:

14.2.1 Amakloba omlilo kusho: (umlilo ovutha kancane; umlilo ovutha kakhulu; umlilo osuphela odinga ukuvuselelwa). (1)

14.2.2 Ukungena phakathi kwezithandani kungumqansa (kulula; kunzima; kuyehlela). (1)

14.3 Bhala OKUTHATHU njengoba kuvezwe enkondlweni obekuyimfihlo yembongi ngalobu bungani enabo. (3)

14.4 Estanzeni sokuqala khipha imisho enokuxhumana sigcino. (1)

14.5 Kungani kungelula ukubhidliza lobu bungani? (2)

14.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe enkondlweni:

14.6.1 Ngikubuke ngakugqolozela (2)

14.6.2 Sebeyidlanzana ohamba nabo (2)

14.7 Ngokucabanga kwakho yimuphi lo mngane imbongi efika naye esicongweni. (1½)

14.8 Ingabe uyavumelana nembongi lapho ithi: 'uma uhlangabezana nobunzima abangani bayancipha. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
**[17½]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NOVEMBA 2013**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 100**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-11.**

**ISIQEPHU A: IMEMORANDAMU YEZINDABA**

| AMAKHODI | | IKHODI 7 | IKHODI 6 | IKHODI 5 | IKHODI 4 | IKHODI 3 | IKHODI 2 | IKHODI 1 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | **Uphumelele ngamalengiso** | **Uphumelele ngeqophelo eliphezulu** | **Uphumelele ngokuvelele** | **Uphumelele ngezinga eligculisayo** | **Uphumelele ngokusendimeni** | **Uphumelele ngokunganelisi kahle hle** | **Akaphumelela –nga** |
| **ISIQEPHU A**<br><br>**(AMAMAKI 50)** | **ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (12)** | **10–12 (80–100%)** | **8½–9½ (70–79%)** | **7½–8 (60–69%)** | **6–7 (50–59%)** | **5–5 ½ (40–49%)** | **4–4½ (30–39%)** | **0–3½ (0–29%)** |
| | | **ULIMI:**<br>* Ulimi lunothile kakhulu, nezimpawu zokuloba zisetshenziswe kahle kakhulu.<br>* Amagama ajiyile futhi anemba kahle kakhulu.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokuphumelela okukhulu.<br>* Indaba ayinamaphutha nhlobonhlobo.<br>*Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana kahle kakhulu. | **ULIMI:**<br>* Ulimi lunothile impela nezimpawu zokuloba zisetshenziswe kahle impela.<br>* Amagama akhetheke kahle impela.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokuseqophelweni.<br>* Indaba ayinamaphutha.<br>*Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana impela. | **ULIMI:**<br>* Ulimi lusebenze kahle.<br>* Amagama asetshenziswe kahle.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe kahle.<br>* Indaba yamukeleka kahle.<br>* Imisho nezigaba zendaba kuyahambisana kahle. | **ULIMI**:<br>* Ulimi nezimpawu zokuloba kusetshenziswe ngokugculisayo.<br>* Amagama asetshenziswe ngokugculisayo.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokugculisayo.<br>* Indaba isezingeni eligculisayo.<br>* Imisho nezigaba zendaba kuyagculisa | **ULIMI:**<br>* Ulimi nezimpawu zokuloba kusetshenziswe ngokusendimeni.<br>* Amagama asetshenziswe ngokulingene nje.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni.<br>* Indaba isendimeni.<br>*Imisho nezigaba zendaba kusendimeni. | **ULIMI**:<br>* Ulimi seluqala ukunganelisi kahle.<br>* Amagama asetshenziswe ngokunganeliseki kahle.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista akuhambisani kahle.<br>* Indaba igcwele amaphutha.<br>* Imisho nezigaba zendaba akuhambelani kahle. | **ULIMI**:<br>* Ulimi luphansi kunamaphutha amaningi kakhulu.<br>* Amagama awahambelani ayanhlanhlatha.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kugcwele amaphutha kakhulu.<br>* Amaphutha maningi kakhulu.<br>*Imisho nezigaba zendaba kunamaphutha amaningi kakhulu. |

| | IKHODI 7 | IKHODI 6 | IKHODI 5 | IKHODI 4 | IKHODI 3 | IKHODI 2 | IKHODI 1 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | **Uphumelele ngamalengiso** | **Uphumelele ngeqophelo eliphezulu** | **Uphumelele ngokuvelele** | **Uphumelele ngezinga eligculisayo** | **Uphumelele ngokusendimeni** | **Uphumelele ngokunganelisi kahle hle** | **Akaphumelela–nga** |
| | **26–32 (80–100%)** | **22½–25½ (70–79%)** | **19½–22 (60–69%)** | **16-19 (50–59%)** | **13–15½ (40–49%)** | **10–12½ (30–39%)** | **0–9½ (0–29%)** |
| **OKUQUKETHWE NOHLAKA (32)** | * Okuqukethwe kutshengisa ukuzisungulela okusezingeni elihle kakhulu. * Imiqondo inike–zelana kahle kakhulu *Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle kakhulu. * Uhlaka lucacile futhi luhambisana kahle kakhulu nendaba. | * Kunokuziqambela okuhle impela. * Imiqondo inike–zelana kahle impela. * Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle impela. * Uhlaka lucacile futhi luhambisana kahle impela nendaba. | * Kuseqophelweni elihle. * Imiqondo inike–zelana kahle. * Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle. * Uhlaka luhambisana kahle nendaba. | * Kuseqophelweni eligculisayo. * Imiqondo inike–zelana ngokugculisayo. * Indaba ithuthuka ngokugculisayo. * Uhlaka lucace ngokugculisayo. | * Kuvezwe ngo–kusendimeni. * Ivezwe ngokusendimeni * Kunamaphuzu avezwe ngoku–linganayo. * Uhlaka lusendimeni. | * Akucacile kahle. * Imiqondo ayisanikezelani kahle. * Kuvezwe amaphuzu ayingcosana. * Uhlaka alucacile kahle futhi alulandeleki kahle. | * Okuqukethwe akuhambelani neze nesihloko. * Imiqondo ayihambelani nesihloko. * Indaba ayiha–mbisani nesihloko neze. * Uhlaka alubekekile neze kahle/alukho. |
| | **5–6** | **4½** | **4** | **3–3½** | **2½** | **2** | **0–1½** |
| **ISAKHIWO (6)** | * Ubude bufanelekile kahle kakhulu. * Isakhiwo usilandele ngokuncomekayo kakhulu. * Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana kahle kakhulu. | * Ubude bufaneleke impela. * Isakhiwo usilandele ngokuncomekayo impela. * Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana impela. | * Ubude busezingeni elihle. * Isakhiwo sihle. * Imisho nezigaba zendaba kuyahambisana kahle. | * Ubude busezingeni eligculisayo. * Isakhiwo siyagculisa. * Imisho nezigaba zendaba kuyagculisa. | * Ubude busendimeni. * Isakhiwo silandelwe ngokusendimeni. * Imisho nezigaba zendaba kusendimeni | * Ubude nendaba abunelisi kahle. * Isakhiwo asenelisi kahle. * Imisho nezigaba zendaba akwenelisi. | * Indaba imfushane kakhulu/inde kakhulu. * Isakhiwo asisihle neze. * Imisho nezigaba zendaba kunamahutha amaningi kakkulu |

**OKULINDELEKILE**

(i)Umqondo mawuphelele esigabeni esisodwa noma kwesilandelayo.
(ii) Okungenani mazibe zimbili kuphela izigaba ezethula/ezixoxa ngomqondo owodwa, Mazingadluli kulokho.
(iii) Makuqalwe umqondo omusha esigabeni esisha.
(iv) Ubude: Amagama angama-190-240.

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

**ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (12)**

| | | |
|---|---|---|
| Ulimi | (L) *Ibhulethi* 1&4 | **6** |
| Ukuhlela (amagama) | (G) *Ibhulethi* 2&3 | **3** |
| Isitayela | (ST) *Ibhulethi* 6&7 | **3** |
| | | **[12]** |

**OKUQUKETHWE (32)**

| | | |
|---|---|---|
| Okuqukethwe | (Q) *Ibhulethi* | **12** |
| Imiqondo | (Im) I*bhulethi* | **8** |
| Ukuthuthuka | (Th) *Ibhulethi* 3 | **7** |
| Uhlaka | (Hl) *Ibhulethi* 4 | **5** |
| | | **[32]** |

**ISAKHIWO (6)**

| | | |
|---|---|---|
| Isakhiwo | (SK) *Ibhulethi 1* | **3** |
| Ubude | (U) *Ibhulethi 4* | **3** |
| | | **[6]** |

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa**

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.
PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.
L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.
// – khombisa isigaba esisha.
NK – inkathi engemukelekile.
'S-I – i-aphostilofi engemukelekile.
GL – amagama awalandelani ngokufanele.
R – irejista.
KM – akwenzi umqondo.
ISIV. – isivumelwano esingavumelani.
AK – akudingekile.
^ – kunegama elingekho.
GN – igama elingcono.
/ –ukwehlukanisa amagama
( ) –ukuhlanganisa amagama

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.

- Umzimba: (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  (ii) Zihleleke kahle/umqondo osekelayo.
  (iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.

- Isiphetho: (i) Siyisigaba esisodwa
  (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa

**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

| | | |
|---|---|---|
| **1.1 Lolu Usuku Engingasoze Ngalukhohlwa.**<br>Izimpendulo zingathinta lawa maphuzu alandelayo:<br>• Abafundi bangasho ukuthi yiluphi lolo suku abangasoze balukhohlwa.<br>• Bangasho ukuthi kungani bengasoze balukhohlwa.<br>• Bangazibala izigameko zangalelo langa.<br>Nokunye okuhambisana nesihloko | **1.2 Usaziwayo/Osaziwayo Abayizibonelo Ezinhle.**<br>Izimpendulo zingathinta lawa maphuzu alandelayo:<br>• Ukuchazwa kosaziwayo.<br>• Amaqiniso ngezimpilo zosaziwayo.<br>• Izinto ezenziwa ngosaziwayo.<br>• Ukubaluleka kokuthi osaziwayo babe izibonelo ezinhle.<br>• Izinto ezinhle ezenziwa yintsha ezibukela kosaziwayo.<br>Nokunye okuhambisana nesihloko. | **1.3 Ngobani Abazoba Ngabaholi Bakusasa?**<br>Izimpendulo zingathinta lawa maphuzu alandelayo:<br>• Ngonjani umuntu esithi ungumholi.<br>• Izinto ezenziwa yintsha ezingamukelekile.<br>• Izizathu okungaba yizona ezidala ukuthi intsha ingakhombisi izimpawu zobuholi.<br>• Okukhathaza umphakathi ngekusasa.<br>Nokunye okuhambisana nesihloko. |
| **1.4 Ukungasetshenziswa Ngendlela Efanele Kwamalungelo.**<br>Izimpendulo zingathinta lawa maphuzu alandelayo:<br>• Abafundi bangaveza ubunzima abazalwa ngaphambi kwabo ababebhekene nabo.<br>• Bangabheka indlela abaphila ngayo manje.<br>• Bangajeqeza emuva babheke ukuthi ukuba inkululeko ayitholakalanga ngabe baphila kanjani.<br>• Bangaveza nokuthi yiziphi izinto ezibenza bazizwe benenhlanhla.<br>Nokunye okuhambisana nesihloko. | **1.5 Ukubekezela.**<br>Izimpendulo zingathinta lawa maphuzu alandelayo:<br>• Angachaza ukuthi kuyini ukubekezela.<br>• Angaveza izimo lapho azithola esebekezela khona.<br>• Angaveza ukuthi ukubekezela kwamsiza ngani.<br>• Angaphawula ngokwakungenzeka ukuba akabekezelanga.<br>Nokunye okuhambisana nesihloko. | **1.6.1 Isithombe:**<br>Abafundi mabanike indaba isihloko esiyifanele.<br>Izimpendulo zingathinta lawa maphuzu alandelayo:<br>• Ukuguquguquka kwesimo sezulu.<br>• Ukunukubezeka kwemvelo.<br>• Izimvula ezinkulu ezidala izikhukhula.<br>• Ukuvaleka kwemigwaqo.<br>• Ukumuka kwezimoto.<br>• Ukonakala kwempahla.<br>**QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi. |
| **1.6.2 Isithombe:**<br>Abafundi mabanike indaba isihloko esiyifanele.<br>Izimpendulo zingathinta lawa maphuzu alandelayo:<br>• Izinselelo ezibhekana nothisha ezikoleni.<br>• Intsha nezidakamizwa.<br>• Ukusetshenziswa/ukungasetshenziswa kwenduku ezikoleni.<br>• Imithelela emibi yokusebenzisa izidakamizwa.<br>• Imikhuba eyenziwa izingane ezikoleni.<br>**QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi. | **1.6.3 Isithombe:**<br>Abafundi mabanike indaba isihloko esiyifanele.<br>Izimpendulo zingathinta lawa maphuzu alandelayo:<br>• Bangakhuluma ngemfundo nokubaluleka kwayo.<br>• Imitapo yezincwadi nokubaluleka kwayo ekuthuthukiseni ikhono lokufunda.<br>• Ukubaluleka kokufunda izincwadi.<br>• Ukubaluleka kokuthi othisha/abazali bakhuthaze abafundi ukuvakashela emitatsheni yezincwadi.<br>**QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi. | |

**2.1 ISIQEPHU B: INCWADI YOKUCELA UMSEBENZI, UMLANDO KAMUFI, INGXOXO, UMBIKO.**

| AMAKHODI | | IKHODI 7 | IKHODI 6 | IKHODI 5 | IKHODI 4 | IKHODI 3 | IKHODI 2 | IKHODI 1 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | **Uphumelele ngamalengiso** | **Uphumelele ngeqophelo eliphezulu** | **Uphumelele ngokuvelele** | **Uphumelele ngezinga eligculisayo** | **Uphumelele ngokusendimeni** | **Uphumelele ngokunganelisi kahle hle** | **Akaphumelelanga** |
| **ISIQEPHU B**<br><br>**AMAMAKI 30** | **ULIMI, ISITAYELA (10)** | **8–10 (80–100%)** | **7–7½ (70–79%)** | **6–6½ (60–69%)** | **5–5½ (50–59%)** | **4–4½ (40–49%)** | **3–3½ (30–39%)** | **0–2½ (0–29%)** |
| | | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphezulu kakhulu.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle kakhulu.<br>* Ubude bombhalo buwulandele kahle kakhulu umgomo mlayelo. | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphezulu impela.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle impela.<br>* Ubude bombhalo buhle impela. | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni elihle.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle.<br>* Ubude bombhalo buhle. | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kuyagculisa<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni eligculisayo.<br>* Ubude bombhalo buyagculisa. | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusendimeni.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni.<br>* Ubude bombhalo busendimeni. | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba akunelisi kahle.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista akunelisi kahle.<br>* Ubude bombhalo abunelisi kahle/Inde/Imfisha. | * Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphansi kakhulu.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni eliphansi kakhulu.<br>* Ubude bombhalo bubi kakhulu/Inde kakhulu/Imfisha kakhulu. |
| | | **16 20 (80–100%)** | **14–15½ (70–79%)** | **12–13½ (60–69%)** | **10-11½ (50–59%)** | **8–9½ (40–49%)** | **6–7½ (30–39%)** | **0–5½ (0–29 %)** |

| | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | OKUQUKETHWE, ISAKHIWO (20) | * Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eliphezulu kakhulu.<br>* Unamathela kahle kakhulu kulokho abuzwe ngakho.<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni elihle kakhulu.<br>* Ithekisthi lilandele kahle kakhulu isakhiwo. | * Ulwazi oluqukethwe luseqophelweni eliphezulu.<br>* Unamathela ngokuseqophelweni eliphezulu kwabuzwe ngakho.<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni eliphezulu.<br>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esifanele impela. | * Ulwazi oluqukethwe lusezingeni elihle.<br>* Unamathela kahle kulokho abuzwe ngakho.<br>* Imibono ibhalwe yamukelana kahle.<br>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esifanele kahle. | * Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eligculisayo.<br>* Unamathela ngokugculisayo. kulokho abuzwe ngakho.<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokugculisayo.<br>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esigculisayo. | * Ulwazi oluqukethwe lusendimeni.<br>* Unamathela ngokusendimeni kulokho abuzwe ngakho.<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusendimeni.<br>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esisendimeni. | * Ulwazi oluqukethwe alunelisi kahle.<br>* Akanamatheli kahle kulokho abuzwe ngakho.<br>* Imibono ayibhaliwe kahle.<br>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esinganelisi kahle. | * Ulwazi oluqukethwe aluluhle neze.<br>* Akanamatheli kahle neze kulokho abuzwe ngakho.<br>* Imibono ayibhaliwe kahle neze.<br>* Ithekisthi linesakhiwo esingesihle neze. |

**<u>OKULINDELEKILE</u>**

**2.1 INCWADI YOMSEBENZI**

- Amakheli amabili.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isib.(16 kuNdasa 2013 / 16 Mashi 2013 / 03.16.2013 / 16/03/2013)
- Obhalelwayo makabingelelwe ngokwesikhundla sakhe.
- Ikheli lesibili malingabi nalo usuku
- Isibingelelo
- Isihloko esichaza isizathu sokubhala incwadi.
- Isingeniso: sihlala phezu kodaba akubuzwa impilo.
- Umzimba wendaba kumele unikeze yonke imininingwane ngawe.
    - Valelisa ngesizotha : Isib. Yimina Ozithobayo.
    - Bhala igama nesibongo nobulili. Isib: UThemba Ndlovu (Mnu)

Okulindelekile: (i) Ulimi olwamukelekile.
(ii) Isakhiwo kube ngesencwadi.
(iii) Okuqukethwe kuhambisane nenhloso yencwadi.

**2.2 UMLANDO KAMUFI**

- Kumele kuvele ukuthi ngubani oshonile, eshona nini.
- Kuvele usuku azalwa ngalo.
- Kuvele imininingwane ngomndeni wakhe. Isibonelo: ubezalwa ngubani ubeshade nobani ushiye bani ngemuva.
- Imfundo, amagalelo akhe nomsebenzi.
- Kuvele neqhaza abelibambile emphakathini.
- Kungaphethwa ngomusho omfishane wokumvalelisa, isib: (Lala uphumule Khabazela) Okulindelekile:

**2.3 INGXOXO**

- Kumele kuvele ingxoxo phakathi kwabantu ababili.
- Kumele babe namagama.
- Kuvele inkinga ababhekene nayo.
- Ingxoxo ithuthuke ize ifike esiphethweni.

**2.4 UMBIKO:**

- Akuvele ukuthi uphuma kubani uqondiswe kubani.
- Kuvele isihloko sombiko.
- Amaphuzu awabe iqiniso/awakholeke.
- Kuvele imininingwane yonke ephathelene nokwenzekile.
- Usayinwe yilowo owubhalile.
- Kumele kube nosuku.

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

**ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)**

| | | |
|---|---|---|
| Ulimi | (L) *Ibhulethi* 2&3 | **6** |
| Isitayela | (ST) *Ibhulethi* 6&7 | **2** |
| Ubude | (U) *Ibhulethi* 4 | **2** |
| | | **[10]** |

**OKUQUKETHWE, UHLAKA NESAKHIWO (20)**

| | | |
|---|---|---|
| Okuqukethwe | (Q) *Ibhulethi* 1&2 | **10** |
| Imibono | (B) *Ibhulethi* 3 | **5** |
| Isakhiwo | (Sk) *Ibhulethi* 1 | **5** |
| | | **[20]** |

**3.3 ISIQEPHU C: IKHADI LESIMEMO, IPHOSKHADI, IDAYARI.**

| AMAKHODI | | IKHODI 7 | IKHODI 6 | IKHODI 5 | IKHODI 4 | IKHODI 3 | IKHODI 2 | IKHODI 1 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | **Uphumelele ngamalengiso** | **Uphumelele ngeqophelo eliphezulu** | **Uphumelele ngokuvelele** | **Uphumelele ngezinga eligculisayo** | **Uphumelele ngokusendimeni** | **Uphumelele ngokunganelisi kahle hle** | **Akaphumelelanga** |
| **ISIQEPHU C**<br><br>**AMAMAKI 20** | **ULIMI, ISITAYELA (7)** | **6–7 (80–100%)** | **5–5½ (70–79%)** | **4½ (62–69%)** | **3½–4 (52–59%)** | **3 (40–49%)** | **2½ (30–39%)** | **0–2 (0–29%)** |
| | | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni eliphezulu kakhulu.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle kakhulu.<br>* Ubude bufanelekile kahle kakhulu. | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni eliphezulu impela.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle impela.<br>* Ubude bufanelekile impela. | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni elihle.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle<br>* Ubude bufanelekile kahle. | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kuyagculisa.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kuyagculisa.<br>* Ubude buyagculisa. | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusendimeni.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni.<br>* Ubude busendimeni. | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi akunelisi kahle.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista akuhambisani kahle<br>* Ubude abufanelekile kahle. | * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi akukuhle neze.<br>* Isitayela, iphimbo nerejista akuhambisani neze<br>* Ubude abufanelekile neze. |
| | | **10½–13 (80–100%)** | **9½–10 (70–79%)** | **8–9 (60–69%)** | **6½–7½ (50–59%)** | **5½–6 (40–49%)** | 4–5 **(30–39%)** | **0–3½ (0 –29%)** |

| | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | OKUQUKETHWE, ISAKHIWO (13) | * Ulwazi oluhle kakhulu ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala kahle kakhulu ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze.<br>* Imibono ibhalwe yamukelana kahle kakhulu.<br>* Ithekisthi inesakhiwo esihle kakhulu. | * Ulwazi oluhle impela ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala kahle impela. ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze.<br>* Imibono ibhalwe yamukelana kahle impela.<br><br>* Ithekisthi inesakhiwo esihle impela. | * Ulwazi oluhle ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala kahle. ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze.<br>* Imibono ibhalwe yamukelana kahle.<br>* Ithekisthi inesakhiwo esihle. | * Ulwazi olugculisayo ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala ngokugculisayo. ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze.<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokugculisayo.<br>* Ithekisthi inesakhiwo esigculisayo. | * Ulwazi olusendimeni ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala ngokusendimeni ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze.<br>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusendimeni.<br>* Ithekisthi nesakhiwo kusendimeni. | * Ulwazi olunganelisi ngohlobo lombhalo.<br>* Ubhala ngokunganelisi ngalokho akubuziwe.<br>* Imibono ibhalwe ngokunganelisi.<br>* Ithekisthi inesakhiwo esinganelisi kahle. | * Ulwazi aluluhle neze.<br>* Akanamatheli kahle neze kulokho abuzwe ngakho.<br>* Imibono ayibhaliwe kahle neze.<br>* Ithekisthi inesakhiwo esingesihle neze. |

**OKULINDELEKILE**

**3.1. IKHADI LESIMEMO:**

- Malibhalwe ebhokisini
- Asisetshenziswa isibingelelo nesiphetho.
- Obhalayo/omemayo kumele abhale njengomuntu wesithathu.
- Akuvele ukuthi umcimbi umayelana nani.
- Akuvele indawo,usuku nesikhathi umshado ozoba ngalo
- Indlela yokugqoka.
- Izinombolo zomuntu okungaxhunywana naye.

**3.2 IPHOSKHADI**

- Malibhalwe ebhokisini.
- Makuvele ikheli lobhalelwayo phezulu ngakwesokudla.
- Makube nesibingelelo okungaba yigama/isibongo sobhalelwayo.
- Indaba ayibe mfushane iqonde ngqo
- Makuvele igama lovalelisayo.

**3.3 IDAYARI:**

- Akuvele izinsuku zesonto, amalanga nezikhathi obhalayo azokwenza ngazo konke azokwenza.
- Obhalayo kumele asebenzise inkathi ezayo.
- Kuvele izinto ezehlukene umfundi azozenza usuku nosuku.

**Okulindelekile:**

(i) Ubude bemibhalo kumele bube phakathi kwamagama angama-60 kuya kwangama-80.
(ii) Umfundi uvumelekile ukulihlobisa ikhadi. (Lokhu akubalulekile, umfundi angeke aphucwe amamaki uma engakwenzile lokhu)

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

| **ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (7)** | | | **OKUQUKETHWE, IMIBONO NESAKHIWO (13)** | | |
|---|---|---|---|---|---|
| Ulimi | (L) *Ibhulethi* 2&3 | **3** | Okuqukethwe | (Q) *Ibhulethi* 1&2 | **6** |
| Isitayela | (St) | **2** | Imibono | (B) *Ibhulethi* 3 | **4** |
| Ubude | (U) *Ibhulethi* 4 | **2** | Isakhiwo | (Sk) *Ibhulethi* 1&4 | **3** |
| | | **[7]** | | | **[13]** |

**OKULINDELEKILE MAYELANA NOBUDE NOBUFUSHANE BEMIBHALO**

- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 1–5 kuyokwamukeleka.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 6–10 kuyosuswa imaki elilodwa.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 11–15 kuyosuswa amamaki ama–2.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 16 kuya ku–20 kuyosuswa amamaki ama–3.

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## NOVEMBA 2013

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-7.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | amaminithi angama-30 |

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: Izindaba
- Ubude bendaba
  Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo
- Ubude bombhalo
  Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo
- Ubude bombhalo
  Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

## UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240 (Ubude bungalinganiselwa ekhasini eli-1 ½ kuya kwama-2).

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Lolu Usuku Engingasoze Ngalukhohlwa. Bhala indaba ngalesi sihloko. **[50]**

1.2 Usaziwayo/Osaziwayo Abayizibonelo Ezinhle. Bhala indaba ngalesi sihloko. **[50]**

1.3 Kunokukhathazeka ngokuthi ngobani abazoba ngabaholi bakusasa. Intsha yanamuhla isebenzisa izidakamizwa kakhulu, ibulawa yizifo futhi ayinandaba nemfundo. Bhala indaba ngesihloko esithi:
'Ngobani Abazoba Ngabaholi Bakusasa?' **[50]**

1.4 Iningi labantu liyakhohlwa ukuthi amalungelo elinawo ahambisana nemisebenzi/izinto okufanele bazenze. Bhala indaba ngesihloko esithi: 'Ukungasetshenziswa Ngendlela Efanele Kwamalungelo.' **[50]**

1.5 Ukubekezela. Bhala indaba uveze ukuthi ukubekezela kuyishintshe kanjani impilo yakho. **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Icashunwe kuwebhsayithi: www.floods in RSA] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

## UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **Incwadi Yomsebenzi:**

Buka isikhangiso esilandelayo bese ubhala incwadi yesicelo somsebenzi ulandele iminininingwane ekusona.

**Isikhala Somsebenzi**
**Uweta**
(Inombolo yomsebenzi: 01/009/201)

Kunezikhala zomsebenzi ezivulekile endaweni yokudlela i**Khululeka Restaurant**. Kumenywa abafundi abaphase ibanga le-12 ukuba bathumele izincwadi zokufaka izicelo zalo msebenzi.

**Izinto ezidingekayo kwabafaka izicelo**:

- Iminyaka eyi-18.
- Ubunono.
- Azimisele ukungena ekuseni kakhulu nokuphuma ebusuku kakhulu ngezinye izinsuku.
- Ikhono lokusebenza ngaphansi kwengcindezi.

Abenze izifundo zokupheka bayocatshangelwa kangcono.

Izicelo zingathunyelwa ekhelini elilandelayo:
UMphathijikelele
Khululeka Restaurant
123 Chris Hani Road
Johannesburg
4146

Usuku lokuvalwa kokwamukelwa kwezicelo: 31 kuNovemba 2013

**Qaphela:** Izincwadi eziyofika ngemuva kosuku lokuvalwa aziyukwamukelwa. Uma singakuthintanga emuva kwamasonto amabili kuyobe kusho ukuthi isicelo sakho asamukelwanga. **[30]**

2.2 **Umlando kamufi**:

Umngane wakho ebenifunda naye ushone engozini yetekisi. Umndeni wakhe ubone ukuthi nguwena ongabhala umlando wakhe ozofundwa enkonzweni yomngcwabo. Bhala umlando wakhe. **[30]**

2.3 **Ingxoxo:**

Bhala ingxoxo ephakathi kwabafundi ababili abaphase ibanga le-12 abanenkinga yokuthi abazange bafake izicelo (applications) zezikhala ezikhungweni zemfundo ephakeme (Tertiary Institutions) ngonyaka odlule. Abazi ukuthi bazokwenzani uma kuqala unyaka. **[30]**

2.4 **Umbiko:**

Ngesikhathi nifunda eklasini nibone kuvuleka umnyango kwangena amadoda amabili ezimboze ubuso ephethe izibhamu. Akhomba uthisha kanye nabafundi, athatha omakhalekhukhwini nokunye. Bhala umbiko ozosetshenziswa ngamaphoyisa ukuphenya lolu daba. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **Isimemo:**

Udadewenu uzoshada ngenyanga ezayo. Bhala ikhadi lesimemo elizosetshenziswa ukumema abangani nezihlobo. **[20]**

3.2 **Iphoskhadi:**

Uhambe nabangane bakho navakashela esiqiwini sezilwane. Bhalela umzala wakho iphoskhadi umtshele ngobuhle basesiqiwini. **[20]**

3.3 **Idayari:**

Uthole ithuba lokuchitha isonto lonke enkampanini eyenza umsebenzi ofisa ukuwufundela uma usuphase umatikuletsheni. Bhala idayari uveze izinto ezehlukene ozobe uzenza kule nkampani kusukela ngoMsombuluko kuze kube uLwesihlanu. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha